# OKUNGAPHAKATHI








## USCOTT WETHULE ISABELOMALI ESINGU R115 BILLON KWAZULU-NATAL

## IKHASI 4

Ngqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkosikazi Belinda Scott, wethule isabelomali sesifundazwe esinguR115 billion esiShayamthetho kuleli sonto ukuze kuthuthukiswe izimpilo zabantu kelesi sifundazwe.

## KUTUSWE ABAKWASIDLODLO KUFIHLWA ABABULAWE NGESIHLUKU

## IKHASI 6

Sebethole ukutuswa nguNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, abakwasidlodlo ngokuboshwa kwalabo abangabasolwa ekubulaweni kwamalunga amane omndeni wakwaMzila, eMlazi, eNingizimu neTheku.

## UBUHOLI BAMAKHOSI BUTHAKASELE IZINYAWO EZILULA

## IKHASI 8

Usihlalo wendlu yobukhosi bomdabu kanye nesekela lakhe banomsebenzi wansukuzonke wokuba bahambele izakhiwo zobuholi bomdabu esifundazweni saKwaZulu-Natali ngenhloso yokuba amakhosi asebenze ngobumbano kanye nangempulelo ukubhekana nezinselelo ezibandakanya ukuthuthukiswa kwenhlalo yezakhamizi ngaphansi kwezizwe zamakhosi.

## BACHONYWE UPHAPHE LWEGWALAGWALA ABELULEKI BEZOLIMO ABENZA KAHLE ESIFUNDAZWENI

## IKHASI 12

Kube yinjabulo beklonyeliswa ngezindondo abeluleki bezoLimo abenza kahle kule ndima yokweluleka abalimi ngezitshalo kanye nemfuyo yabo.

## LIZA KAHLE ITHIMBA ELIBHEKA LIPHINDE LIXAZULULE IZINKINGA EZIKOLENI KWAZULU-NATAL

## IKHASI 15

Kunesexwayiso esijwayele ukusetshenziswa ezimweni ezahlukene esithi ungalinge uzame ukulapha umuntu ngaphandle kokuthola ukuthi isifo esimphethe siyini ngoba isiphetho ngukuthi umnikeze umshanguzo okungewona ozoqeda inking abhekene nayo.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO


Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.

**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT





# IMBIZO KANDUNANKULU ENQUTHU

■ Imikhandlu eba nempumelelo ileyo esuke iqoke iqembu elilodwa bese iyahamba iyokhetha lona. Ikhethe bona bese bayasebenza.

**MAHLATHI TEMBE**

Imbizo kaNdunankulu ebiseNquthu ibe impumelelo emangalisayo kwazise izinkumbi zabantu ebeziyihambele zinikezwe ithuba lokusho izinkinga ababhekene nazo okubalwa kuzo amanzi, ugesi, isimo esingesihle semigwaqo, ukungaholelwa kwezinduna, imitholampilo enganele kanye nocingo.

Emva kwalokho oNgqongqoshe baziphendulele bathembisa ukuhlangabezana nezinkinga zomphakathi waseNquthu.

UNdunankulu ubephelezelwa amalungu onke esiGungu soNgqongqoshe beminyango eyehlukene.

Kuyo lembizo bekukhona nenkosi yakwaMazibuko nabebhekele iSilo.

Isizathu esikhulu sembizo kaNdunankulu bekuwukuchazela umphakathi ngesinqumo sokuba kubekwe umlawuli ozophatha uMasipala waseNquthu ukuze akwazi ukusingatha izinhlelo zonke zikaHulumeni kwazise uMasipala waseNquthu awusebenzi ngenxa yokungavumelani kwamakhansela.

Ngakho ke kudingeke ukuba uHulumeni wesiFundazwe ungenelele ukuze izinhlelo zikahulumeni zifinyelele ngokushesha emphakathini.

Kube sekuphakanyiswa uMnu Dumisani Vilakazi ukuba kube nguyena ozolawula uMasipala okwesikhashana ngaphambi kokuba kube khona ukhetho.

Ephawula uNdunankulu ubonge kakhulu ukuphumelela kwabantu abaningi embizweni kahulumeni.

Ethinta udaba olube esinye sezikhalo zomphakathi, okuwudaba lokungaholelwa kwezinduna okaMacingwana uthe, “Vele sesikhulumile nalaba beKomidi leProvince savumelana ukuthi umhlangano ube khona phakathi kwethu, lowo mhlangano ubulinde ukuthi kudlule ekwethuleni inkulumo okuthiwa yi-State of the Province Address.

Seyidlulile ke, sihlelela ukuthi alithi liphela isonto elizayo sibe sesike sayihlanganisa imilomo namehlo nezinduna neKomidi khona sizobona ukuthi ikuphi la silahlekelana khona.”

Esegxila odabeni oluyingqikithi yembizo kahulumeni okaMacingwana uthe, “Umkhandlu wenu ongasekho ngokusemthethweni, anikwazi ukuthi nilokhu nikuzwa ngamaphepha nama radio, namaTV kodwa ningakuzwa ngohulumeni okuwuyena ohlakaze uMkhandlu.

Siyazi ukuthi natshelwa ngoDisemba ukuthi ingozi iyanilengela yokuthi cha uma kungasebenzeki, engakhetheki uMeya, engakhetheki uDeputy Mayor engakhetheki uSomlomo, hhayi kufuneka ukuba nihlakazwe.

Nanisatshelwa ingozi elengela uMkhandlu. Namhlanje ke kuzogcizelela leyongozi enanibikezelwa ngayo isifikile! Isikhona ke manje.

Senza isiqiniseko kodwa bese siyanitshela futhi ukuthi kuzosebenzeka kanjani ukuze abantu bangasali dengwane.”

Uqhube wathi “Esizokubuza ke la kinina njengoba seningasenawo uMkhandlu kusho ukuthi seniya okhethweni ke kodwa ke asilawuli thina izindaba zokhetho, kulawula abe IEC.

Nathi sitshelwa uyena konke esisuka sinitshela khona sisuke sikuzwe ngu IEC.

“Imikhandlu eba nempumelelo ileyo esuke iqoke iqembu elilodwa bese iyahamba iyokhetha lona. Ikhethe bona bese bayasebenza.”

> *“Umkhandlu wenu ongasekho ngokusemthethweni, anikwazi ukuthi nilokhu nikuzwa ngamaphepha nama radio, namaTV kodwa ningakuzwa ngohulumeni okuwuyena ohlakaze uMkhandlu.”*



# USCOTT WETHULE ISABELOMALI ESINGU R115 BILLON KWAZULU-NATAL

## Kubaluleke kakhulu ukuthi iminyango kahulumeni isebenze ngokuzikhandla ukulandela imigomo ephusile yokuphathwa kwezimali nokuvimba incithakalo uma kuhlinzekwa izidingo

**SIBONELO MSOMI**

UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkosikazi Belinda Scott, wethule isabelomali sesifundazwe esinguR115 billion esiShayamthetho kuleli sonto ukuze kuthuthukiswe izimpilo zabantu kelesi sifundazwe.

Ethula inkulumo yakhe, uNgqongqoshe Scott ukubeke kwacaca ukuthi le mali kuzomele isetshenziswe ngobuhlakani ukuze uHulumeni wesiFundazwe ukwazi ukuhlinzeka izidingo kubantu.

"Ngethula lesi Sabelomali sesiFundazwe ngesikhathi iNingizimu Afrika ihlela kabusha izimali ukuze iminyango kahulumeni ikwazi ukuhlinzeka izidingongqangi kubantu futhi ibhekane nokukhokhwa kwezikweleti.

"Kubaluleke kakhulu ukuthi iminyango kahulumeni isebenze ngokuzikhandla ukulandela imigomo ephusile yokuphathwa kwezimali nokuvimba incithakalo uma kuhlinzekwa izidingo," kusho uScott. Isamba semali engu R47.477 billion (41.2%) yabelwe uMnyango wezeMfundo kanti esinye isamba semali esingu R39.548 billion (34.3%) sesabelomali sabelwe uMnyango wezeMpilo esiFundazweni.

Le mali kulindeleke isebenze ezintweni ezehlukene, esingabala kuzo ukwenza ngcono uhlelo lokufunda, ikakhulukazi ukuthola izinga eliphezulu lempahla yokusiza othisha lapho befundisa izingane ezikoleni.

KowezeMpilo, kulindeleke ukuthi imali isize ukuhlinzeka izidingo kubantu abangenayo imishwalense yezempilo eKZN.

Imisebenzi emikhulu ezohlinzekwa ezingeni lama PHC ibala ukugwema nokukhuthaza ukuhlola nokuzivikela ezifweni ezithathelanayo nakulezo ezingathathelani emazingeni omphakathi kanye nezinhlelo zokugwema nokukhuthaza ukwelashwa emitholampilo engomahambanendlwana nakuleyo eyakhiwe kanye nasezikhungweni zomphakathi zezempilo, kanye nokuthola usizo olutholakala ezibhedlela ezisezingeni lesifunda.

UMnyango wezokuThutha wabelwe ingxenye engu 8.5% wesabelomali sesifundazwe. Isabelomali esitholile singu R9.847 billion, R10.314 billion no R10.970 billion onyakeni wesabelomali ka 2017/18 (Medium Term Expenditure Framework).

Isamba esikhulu sesabelomali salo mnyango sizosebenza ukwakha imigwaqo, kanye nokugcina esimweni esifanele inxanxathela yemigwaqo yesifundazwe.

Ngonyakamali ka 2017/18, umnyango uzoqhubeka nokwakha kanye nokugcina esimweni esifanele amaphrojekthi afaka iMigwaqo Emikhulu oP700 osuka oLundi uye Empangeni, P127 osuka eMpendle uye eHimeville noP577 Duffs Road. Ngaphezu kwalokho, umnyango uzoqhubeka nokuhlinzeka abafundi ngezithuthi kanye nokuxhasa amabhasi esifundazweni.

Umnyango uzoqhubeka nemikhankaso yokuphoqelela ukuthotshelwa komthetho ngokusebenzisa uhlelo luka-Operation Shanela ukukhuthaza ukuphepha emgwaqweni.

Lo mnyango uqale ukuhlelela amaphrojekthi okulwa nobugebengu emingceleni ngaphansi koholo lukaNdunankulu, uMnuz. Willies Mchunu.

Le phrojekthi izohlanganisa ukwakhiwa kohlaka oluzolwa nobugebengu obenzeka emngceleni ophakathi kweKZN neMozambique.

Lona kuzoba wumsebenzi weBorder Management Agency, okulindeleke ukuba isungulwe ngo Ephreli 2017.



*UNgqongqoshe wezezimali, uNkk Belinda Scott*

# Sizwakele isikhalo sezinduna KwaZulu-Natal

**NOSIPHO NDABA**

Ikhabhinethi KwaZulu-Natal isithathe isinqumo sokuthi uhulumeni uholele izinduna njengokwesimemezeo esenziwa nguMongameli wezwe, uMnuz. Jacob Zuma. Ethula isabelomali esiShayamthetho, uNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. uBelinda Scott uthe lolu daba obelusetshenzwa isikhathi eside sekufike lapho uhulumeni esethatha isinqumo sokuthi kuqaliswe ukuholelwa kweziNduna uma kuqala unyakamali ka 2017/18. Ukuholelwa kwezinduna udaba isifundazwe ebesilokhu sithwele kanzima ngalo kusukela mhla kwasayinwa isiMemezelo sokuqala sikaMongameli Zuma ngoNhlolanja ka 2014 sokuthi izinduna kumele zihole.

"Yize noma lesi simemezelo sasayinwa, ibingekho imali yokwengeza eyafakwa ezimalini zesifundazwe ukuze kwenziwe lo msebenzi. Ngakho-ke lona ngumsebenzi esinganikiwe imali yokuwenza," kusho uScott.

Uqhube wathi, "Yonke imizamo yokuthola izimali kuHulumeni kuZwelonke ukuze siholele izinduna yehluleka, futhi kuyacaca ukuthi isifundazwe kulindeleke ukuba sibhekane nalo msebenzi ongabelwanga imali, ngokusebenzisa imali yaso."

Udaba ngokuholelwa kweziNduna luqubuke lapho uHulumeni KwaZulu-Natal uthatha ngokusemthethweni indawo yaseMzimkhulu eyayingaphansi kwesiFunda i-Eastern Cape.

Ngaleso sikhathi i-Eastern Cape yayiholela iziNduna uR76 000 ngonyaka. UNgqongqoshe ugcizelele ukuthi kwavunyelwana esiGungwini esiPhezulu sesiFundazwe ukuthi uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba zobuHoli boMdabu (COGTA) uzokhipha ingxenye engu 50%, yemali edingekayo ukuholela iziNduna ezimalini ezabelwe lo mnyango bese kuthi enye ingxenye engu 50% ithathwe ngokulinganayo kule eminye imnyango esifundazweni. Isamba esidingekayo ukuholela iziNduna sibalelwa ku R252.328 million, R266.206 million no R280.847 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18 (MTEF). Lokhu kusho ukuthi uCOGTA kumele akhiphe uR126.164 million, R133.103 million no R140.424 million onyakeni wesabelomali sika 2017/18 (MTEF), bese le enye ingxenye izothathwa ngokulingana kweminye iminyango.




Ithimba eliholwa nguNdunankulu wesiFundazwe, uMnu. uMnuz. Willies Mchunu, liyifakela izibuko indaba yokubuyisela iziNduna imali ezikweletwa yona kusukela ngonyaka ka2014.

# UHulumeni wesiFundazwe uthuthukisa ingqalasizinda

**SKHULULIWE KHOZA**

UHulumeni KwaZulu-Natal uzotshala isamba semali engu R12 billion ukuthuthukisa inqgalasizinda esifundazweni bese kukhuliswa nomnotho.

Ethula inkulumo yakhe esiShayamthetho eMgungundlovu kuleli sonto, uScott uchaze wenaba ngezokuthuthukiswa kwenqgalasizinda yesifundazwe.

"Isifundazwe sihlele ukusebenzisa u R12.041 billion onyakeni ka 2017/18, R12.250 billion onyakeni ka 2018/19 kanye no R13.264 billion onyakeni ka 2019/20 kumaphrojekthi ehlukene engqalasizinda".

Uqhube wathi, "Sekuqalile ukusungulwa kohlelo olunzulu lokuthuthukiswa kwengqalasizina yesifundazwe olubizwa nge-Provincial Infrastructure Master Plan. Lolu hlelo lugxile kakhulu kulezo zindawo ezifana namachweba, izikhumulo zezindiza, imigwaqo, ujantshi, amanzi, ezokuthuthwa kwendle, ugesi, izikhungo zezikole kanye nezempilo."

Imali ezosetshenziswa kwiqgalasizinda isiphelele ingakhuphuka ifike ku R15.084 billion onyakeni ka 2017/18, R15.541 billion ku 2018/19 kanye no R16 .799 billion onyakeni ka 2019/20.

Ungqongqoshe unxusa iminyango kahulumeni wesifundazwe ukuba iqinisekise ukuthi izikhungo ezikhona zinakekelwe ngendlela efanele, zilungiswe kuqinisekiswe ukuthi impahla kaHulumeni ebalulekile ekuhlinzekeni ngezidingo zomphakathi ayigugi.

Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda whlelo oluhlonzwe nguhulumeni ukuze ukwazi ukulwa nobubha, bese kudaleka namathuba emisebenzi futhi kuthuthukiswe nomnotho esifundazweni.

# UZIKALALA UYALELE OSOMABHIZINISI UKUBA BAFUKULE ABAMNYAMA

SIYABONGA MAPHUMULO

UNgqongqoshe wezokukuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo KwaZulu-Natal uSihle Zikalala utshele osomabhizinisi abangaphansi kwesigungu sePietermaritzburg Chamber of Commerce ukuthi akwanele ukusebenzisana nabantu abamnyama ngoba nakhu begcina icala kumbe ukuhambisana nomthetho wezwe olawula ukunikezela ngamathuba kwabamnyama kepha kumele baqinisekise ukuthi imizamo yabo iletha ushintsho olubonakalayo.

UZikalala usho kanje ngenkathi ekhuluma emhlanganweni obuphakathi kukahulumeni waKwaZulu-Natali kanye nosomabhizinisi obubizwe isigungu sosomabhizinisi iKZN Growth Coalition ngenhloso yokuqinisa amaxhama okusebenzisana phakathi kukahulumeni nezimboni kanye nosomabhizinisi.

"Kuyiqiniso elingehli kahle nokho ukuthi yize sesineminyaka engamashumi amabili nantathu sazuza inkululeko kepha umnotho usahlezi ezandleni zabebala elithile kuphela. Phezu kwemizamo kahulumeni yokushintsha ukuphathwa komnotho, kuyishwa ukuthi kusenabantu abangafuni ukusebenzisana nalabo ababencishwe amathuba enkathini edlule kepha ababenikeza amathutshana nje ngoba nakhu begcina icala."

Eqhuba uthe ngisho noMengameli wezwe uJacob Zuma wakuhlaba kakhulu ukunyathela ngolonwabu koguquko kwezomnotho kuleli.

"Ngaleyondlela uMengameli wakhipha umyalelo wokuthi kumele umnotho uguqulwe ngendlela ebonakalayo ukuze wonke umuntu ahlomule kuwo. Sikhuluma nje kusanda kukhishwa izibalo ezitshengisa ukuthi cishe ingxenye engu 26.5% wabantu abangasebenzi kuleli kanti iningi labo intsha. Lokhu nje kukodwa kusho ukuthi kunenkinga enkulu endleleni umnotho wethu ohleleke ngayo. Yingakho-ke siwuhulumeni waKwaZulu-Natali sithi kumele sibambisane futhi sizinikele nezimboni kanye nosomabhizinisi ukuthi sidale amathuba emsebenzi," washo kanje.




Wathi kubalulekile ukuthi nosomabhizinisi abancane uqobo lwabo baqhamuke nezindlela ezintsha zokwenza amabhizinisi bangagxile nje kuphela kulokho osekuvele kwenziwa abanye. "Uma sibheka isimo somnotho emhlabeni jikelele kuyahlaluka ukuthi kumele siqhamuke namaqhinga amasha ukuze sikwazi ukubamba iqhaza elibonakalayo kwezomnotho.

Ngaleyondlela siwumnyango sizimisele ukusiza osomabhizinisi abasafufusa ekutheni basungule amabhizinisi ayokwazi ukukhula futhi asabalalele nakwamanye amazwe. Lokhu kepha kuyoba impumelelo ngokuthi sigxile ezimbonini esinolwazi ngazo futhi ezikwaziyo ukudala amathuba emsebenzi, nokuthi kube nokubambisana phakathi kukahulumeni nezimboni zangasese," washo ephetha.

# UNgqongqoshe uchaza ngezinhlelo zoguqulwa komnotho ukuze kuhlomule ababecindezelwe

SIYABONGA MAPHUMULO

"Izinkulumo ezethulwe uBhejane Phum' esiqiwini, iSilo samaBandla uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu kanye noNdunankulu wesifundazwe saKwaZulu-Natali umhlonishwa uWillies Mchunu ngeledlule ziwumhlahlandlela ozohola uhulumeni ekuhambiseni izinsiza kubantu."

Lona umbono kaNgqongqoshe ezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha kanye nokoNgiwa kweMvelo uMnuz Sihle Zikalala obalule ukuthi zenabe kabanzi ngokumele kwenziwe iminyango ehlukahlukene kahulumeni ukuze kubhekwane ngqo nezinselelo zokuswelakala kwamathuba emsebenzi.

"Lezizinkulumo singazithatha ngengomhlahlandlela okuyiwo ozosihola njengohulumeni ekuhambiseni izinsiza kubantu.

Thina-ke njengomnyango sizogxila isikakhulukazi kulezo zingxenye zezinkulumo ezithinta ngqo umsebenzi esinikwe wona wokuguqulwa komnotho ngendlela ebonakalayo futhi ezokwenza umehluko ezimpilweni zabantu bethu, phecelezi i-Radical Economic Transformation," kusho uMnuz Zikalala.

Uchaze wathi yize sekwedlule iminyaka engamashumi amabili nantathu lelizwe lazuza inkululeko kepha namanje umnotho wezwe usagxile kwabebala elimhlophe bese kuthi abamnyama, ikakhulukazi intsha nabesifazane nokuyibo ababenswinywe kakhulu amathuba enkathini edlule, bangabi namandla atheni kwezomnotho.

"Ngenxa yalokhu, siwumnyango kuyijoka lethu ukuqinisekisa ukuthi kuba nomnyakazo obonakalayo ozoholela ekutheni abantu abamnyama, ikakhulukazi intsha kanye nabesimame, bahlomula ngendlela ebonakalayo,"

Ubalule ukuthi izimboni nezokukhiqiza, ingqalasizinda, ezokuvakasha, ezezimali, ezokuthutha, ezokumbiwa phansi, ezokudayisa kanjalo nezobuxhakaxhaka nobuchweph eshe besimanje yizona okufanele bahlomule ngendlela ebonakalayo kuzo.

"Kepha ngale kwalokhu, siphinde futhi sakugcizelela ukuthi ezokukhiqiza, ezokwakhiwa kwezimoto, ezokuvakasha, imboni yezindwangu, eyokumbiwa phansi, ezasolwandle kanjalo nokuvuselelwa komnotho wasemalokishini yikho okumele kube seqhulwini lezinhlelo zethu zokusimamisa abantu bethu,"kusho uMnuz Zikalala.

Isifundazwe sizogxila ekusizeni osomabhizinisi abasafufusa ukuze babe nesisekelo esiqinile futhi bakwazi ukuthuthukisa umnotho wendawo lapho besebenzela kumbe behwebela khona ukuze kudaleke amathuba emsebenzi.

"Lokhu siyokwenza ngokuthi sibaxhumanise nezinhlaka zikahulumeni ezibolekisa ngemali yokuqhuba amabhizinisi ezifana neThala, KZN Small Business Small Business Growth Agency, KZN Growth Fund njalo, njalo; siphinde futhi sibanike uxhaso lokuthi bathole usizo ekuqhubeni imsebenzi yabo, phecelezi post investment funding ngoba siyazi ukuthi ezinye izinto ezikhinyabeza amabhizinisi asafufusa kuyaye kube ukungabi noxhaso oluyowasiza ngezinto ezinthinta ukuphathwa kwamabhizinisi."

Umnyango uphinde ube nezinhlelo zokuxhumanisa osomabhizinisi namanye amazwe kwizwekazi lase-Afrika nasemhlabeni jikelele olwenziwa iTrade and Invesment KZN



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

nokusiza osomabhizinisi baxhumumane namanye amazwe kanye nozakwabo emhlabeni jikelele ukuze bakhule.

UNgqongqoshe uthi kunohlelo lokuguqulwa komnotho olugxile kwezolimo nasezindaweni ezisemakhaya olubizwa ngokuthi iRadical Agrarian Socio Economic Transformation (RASET) lozokwethulwa khona maduze.

"Esifuna ukukuzuza ngaloluhlelo ukuthi abalimi abamnyama bakwazi ukukhiqiza umthamo wokudla bese behweba ikakhulukazi nohulumeni onezikhungo ezifana nezibhedlela, ezamajele, izikole njalo, njalo kwazise uhulumeni ungomunye wabathengi abakhulukazi bokudla okufana nemifino nezithelo, ngakho-ke uma sithenga ngqo kubantu bethu abamnyama ukudla abazilimele kona siyobe phela sibasiza ekutheni bazithuthukise kwezomnotho ngaleyondlela bakwazi ukuxosha ikati eziko."



**"Thina-ke njengomnyango sizogxila isikakhulukazi kulezo zingxenye zezinkulumo ezithinta ngqo umsebenzi esinikwe wona wokuguqulwa komnotho ngendlela ebonakalayo."**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, neMeya yeTheku, uKhansela Zandile Gumede, ngesikhathi behambele umndeni.*

# KUTUSWE ABAKWASIDLODLO KUFIHLWA ABABULAWE NGESIHLUKU

Siyanxusa ukuba umphakathi ubike abashushumbisa izidakamizwa khona sizosukuma ngoba amaphoyisa noHulumeni angeke asinqobe lesi sihlava

**MINENHLE MNCWANGO**

Sebethole ukutuswa nguNgqongqoshe wezokuthuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, abakwasidlodlo ngokuboshwa kwalabo abangabasolwa ekubulaweni kwamalunga amane omndeni wakwaMzila, eMlazi, eNingizimu neTheku.

Lamalunga ahlaselwe yizinswelaboya zabantshontshela izinto ezifana nomakhalekhukhwini, njalo njalo.

Kwabashonile kukhona noshiye ingane ebisaphathwa.

Ekuzwa lokho, uNgqongqoshe uThusi ube esethumela ithimba losonhlalakahle ukuyolekelela ngokuthi abahlukumezekile bathole ukududuzwa nokwelulekwa njengoba lesi simo sethuse wonke umuntu.

Umndeni kanye nomphakathi babonge kakhulu imizamo yosonhlalakahle njengoba bebehla benyuka besiza lomndeni. UNgqongqoshe uThusi, ubehambisana neMeya yomkhandlu waseThekwini, uKhansela Zandile Gumede namakhansela omkhandlu weTheku, ilunga lesiShayamthetho uMnumzane Vasco Hlengwa, umculi odumile uDr Tumi Mkaweya, osomabhizinisi baseThekwini kanye nabefundisi bamabandla ahlukahlukene akhona eMlazi, ukuyobhonga emswaneni ngaphambi kokuba aye emngcwabeni.

Evakashela lomndeni okokuqala, uNgqongqoshe uThusi utshele izihlobo kanye nomphakathi obugcwele amagceke akulomuzi ukuthi uHulumeni wonkana uzwelana nalomndeni, waphinde wancoma umsebenzi omuhle owenziwe amaphoyisa njengoba abasolwa sebeboshiwe.

Uthe: “Sizwakalisa ukuzwelana nomndeni ngokubulawa kwamalunga ngesihluku esingaka. Siyabonga ukusebenza ngokuzikhandla kwamaphoyisa ngoba loHulumeni awusoze wazibekezelela izimo zobugebengu.

“Siyanxusa ukuba umphakathi ubike abashushumbisa izidakamizwa khona sizosukuma ngoba amaphoyisa noHulumeni angeke asinqobe lesi sihlava, kodwa kufanele umphakathi ubambisane namaphoyisa khona sizophela lesi simo,” kusho uNgqongqoshe uThusi.

Ubuholi bufike bathola ukuthi lomndeni udinga ukwelekelelwa ngosizo lokuba ukwazi ukuyofihla ngesizotha abathandiweyo babo.

Ithimba losomabhizinisi lifike lanikela ngokudla laphinda lathembisa ukuthi ezinhlelweni zomngcwabo lizofaka isandla.

Inkampani yabangcwabi, iSomana Dignified Funerals ithwale izindleko zokungcwaba, okubalwa ukugcinwa kwezidumbu emakhazeni kanye nokuhanjiswa kwayo isiya kolondolozwa emakhaya lapho lomndeni udabuka khona, eNdlangubo, ngaphansi kukamasipala uMlalazi, enhla nesiFundazwe.

Namakhansela abephume ngobuningi bawo esho nokusho ukuthi ayazinikela ekulekeleleni umphakathi ekulwisaneni nobugebengu.

UHulumeni waKwaZulu-Natali, nomasipala weTheku, babuye basiza kakhulu ngokuqinisekisa ukuthi ezokuphepha ziqinile endaweni.

> *“Siyabonga ukusebenza ngokuzikhandla kwamaphoyisa ngoba loHulumeni awusoze wazibekezelela izimo zobugebengu.”*



**“Sizwakalisa ukuzwelana nomndeni ngokubulawa kwamalunga ngesihluku esingaka.”**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# ASIBHUKULE UKUZE SILWE NOBHUBHANE LWE TB

Nakuba izibalo ezikhishwe yi-World Health Organisation zikhomba ukuthi i-TB isibhebhetheke ngaphezu kwe-HIV ekubulaleni abantu emhlabeni jikilele, kubonakala izimpawu zokuphumelela esifundazweni sakwaZulu-Natal ekulweni nalolu bhubhane lwe-TB.

Ngokwe-WHO, iTB isizedlula zonke izifo ezithelelanayo njengoba ngo-2014 ibulale abantu abawu 1,5 million emhlabeni jikelele, nokungabesilisa abawu 890 000, abesimame abawu 480 000 nabantwana abawu 140 000.

Nokho njengoba singena kuNdasa, okuyinyanga yokuqwashisa nge-TB, isithombe salapha KwaZulu-Natal sinika ithemba ngempumelelo yokulwa nalesi sifo njengoba izibalo zabantu ababulawa yiso zikhombisa ukwehla. Ngokombiko we-WHO, uma abantu abawu 200 kwabangu 100 000 behaqwe yi-TB lokhu kusuke kuthathwa njengenhlekelele. Nakuba ziphezulu izibalo zabantu abahaqwe yigciwane le-TB eNingizimu Afrika, nokho esifundeni sakwaZulu-Natali kunenhlansi ekhombisa impumelelo ekulweni nokubhebhetheka kwaleli gciwane njengoba izibalo zabantu abanalo zehla sisuka ku 897/100 000 ngo-2013; zaya ku-808/100 000 ngo-2014. Kwathi ngo-2015 zehla zisuka ku-678/100 000 zaya ku-580/100 000 ngo-2016. Noma kunezinkomba zokwehla kwenani labantu ababulawa yileli gciwane KwaZulu-Natal, lokhu akwanele ngoba empeleni akekho noyedwa umuntu okufanele abulawe yilesi sifo esingagwemeka neselaphekayo.

Lokhu-ke kusho ukuthi sisonke kufanele sibhukule kulesi sifundazwe ukulwa nesifo se-TB.

Kwezinye zezinto ezibangela ukwanda kwesibalo sabantu abane-TB eNingizumu Afrika yisifo segciwane lesandulela-ngculazi (HIV). I-HIV yehlisa amasosha emzimbeni alwa nokungenwa yizifo, lokhu okwenza kube nzima ukulwa ne-TB. Nokho lokhu akusho ukuthi abantu abangenayo iHIV ingeve yabangena i-TB. Nakuba lisephezulu izinga lokungenwa yi-TB kubantu abane-HIV njengoba liku-65%, nokho siwuMnyango siyakujabulela ukuthi ziyenyuka izibalo ezikhomba ukwelashwa ngempumelelo kwabantu abane-TB njengoba ngo-2005 zasuka ku-55% zaya ku-88,6% ngo-2016. Kokunye, lempumelelo singasho ukuthi idalwa wumkhankaso kaHulumeni wokuthi uma umuntu eze emtholampilo uhlolelwa zonke izifo, okubandakanya i-HIV, TB njalo njalo. Nakuba kunjalo, kusasikhathaza siwuMnyango ukuthi kusekhona abantu okuthi noma sesitholile ukuthi bahaqwe yigciwane le-HIV noma i-TB bese begcina bengayidli ngendlela imishanguzo, noma bayiyeke. Lokhu kuyingozi ngoba kudala ukuthi bangenwe yile-TB exakile, nokunzima ukuyelapha, i-XDR ne MDR-TB. Abantu siyabanxusa ukuthi uma sebeqalile ukudla imishanguzo, ngabe eye-HIV noma ye-TB, baqhubeke nokuyidla njengokwemiyalelo abayinikwe abezempilo. Lokhu kuyokwenza ukuthi yonke imizamo kaHulumeni ephokophele ekulweni nokubhebhetheka kwaleli gciwane iphumelele Kulemikhankaso singabala:

- Ukufakwa kwemishini ye-Gene X-Pert enobuchwepheshe obuphambili ezikhungweni zezempilo engaphezulu kuka-90, nokuyisibalo esiphezulu emhabeni jikelele. Le mishini inobuchwepheshe bokuhlonza ukuthi umuntu unalo yini igciwane le-TB esikhathini esingangosuku noma ezimbili, lokhu okwenza ukuthi uma litholakala athole ukwelashwa ngokushesha futhi angatheleli nabanye.

Kamuva nje, uMnyango usukusabalalisile ukulwa nesifo se-TB ne-HIV ngokuthi uluse nasemajele ukuze bonke abatholakala benalezi sifo basheshe bakwazi ukuthola ukwelashwa. Izingane azishiyiwe ngaphandle njengoba kunamathimba ahambela izikole, nakwazi ukuthi uma kutholakale ufuba enganeni bese kulandelelwa nasekhaya ukuze nalabo abayithelelile belashwe.

Yini-ke umphakathi ongayenza ukwelekelela uHulumeni ekulweni nokubhebhetheka kwe-TB?

- Vula amawindi uma ugibele isithuthi (ibhasi noma itekisi) noma usegunjini elinabantu abaningi;
- Vala umlomo uma uthimula noma ukhwehlela;
- Uma oseduze kwakho ekhwehlela vala umlomo bese umufulathela;
- Uma uhlaselwa wukukhwehlela okungapheli kuze kudlule amasonto amabili hamba uyohlolela igciwane le-TB.
- Uma unegciwene i-HIV, hambela umtholampilo uyohlola ukuthi ayikakungeni yini i-TB;
- Uma une-TB, phuza imithi yakho ngokwemiyalelo yabezempilo.

Sifisa ukubonga bonke abasebenzi bezempilo kanye nezinhlangano ezihlanganyela nathi ngeqhaza abaqhubeka nokulibamba kulo mbhidlango wethu wokulwa nokubhebhetheka kwe-TB.




# Owezempilo unxusa ukunakekelwa kwezindlebe

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse umphakathi ukuba unakekele izindlebe zawo ngokuthi ugweme ukuba semsindweni omkhulu, wehlise nomkhuba osudlangile wokusetshenziswa kwama ear-phones ngokweqile.

Ukuvulela umculo okhalela phezulu kungaba yingozi hhayi kuphela ekuphazamiseni umuzwa wokuzwa kumuntu, kepha kungabeka engcupheni impilo yomuntu ohamba emgwaqweni ngezinyawo kanjalo nalowo oshayela imoto ngoba akabe esakwazi ukugxila emgwaqweni ngokomqondo, noma ukumelana nengozi noma simo esiphuthumayo esingase senzeke.

Lokhu kugcina sekwengeza emthanyweni wabantu abadinga ukuhlengwa ezikhungweni zezeMpilo.

UDkt Dhlomo ukhipha lesi sexwayiso nje, umhlaba wonke ubusemkhankasweni wokuqwashisa ngobungozi bokungezwa, i-World Hearing Day.

Ngokocwaningo labakwa Stats SA lwango 2015, babalelwa ku 3,6% abantu abasukela eminyakeni engu 5 kuya phezulu abanezinkinga eziphathelene nokuzwa. Ukungezwa kuqala kancane kancane, kanti angeke usheshe ubone ukuthi awusezwa ngaphandle uma uzosheshe uhlolwe. "Ukukwazi ukuzwa kuyisiphiwo esivela kuMdali.

Yinto eyigugu okumele siyivikele ngaso sonke isikhathi ngokuthi sigweme ukuba semsindweni ngokweqile. "Kulezinsuku abantu abaningi basebenzisa ama ear-phones ukulalela umculo komakhalekhukhwini, isikhathi esiningi bawudlalela phezulu.

Lokho akubeki engcupheni ukungezwa kuphela, kungaholela ekutheni umuntu agcine eseshayiswa nayizimoto, nabahamba ngezinyawo nabashayelayo bazithole bengakwazi ukuvika izingozi ngoba bengezwa ukuthi kwenzakalani lapho bekhona. Labo bantu bengagcina belahlekelwa impilo noma bedinga usizo lwezempilo, ezintweni abebengayizigwema."


UNgqongqoshe Dhlomo uphinde waxwayisa ngokuthi umsindo okhalela phezulu ungaphinde uphazamise ukuzwa kahle kwezingane. "Ama-Sirens, izitimela, amabhanoyi, ama-TV, umsakazo okhalela phezulu kanye nokunye okukhala kakhulu kungaphazamisa ukuzwa kahle kwengane ezindlebeni.


Asivikele abantwana. Nakithina esibadala, uma wazi ukuthi uzokuba semsindweni omkhulu faka into ezokuvikela ezindlebeni, noma usebenzise iminwe yakho ukuvala izindlebe masinyane uma kuqhamuka umsindo obungawulindele."

**IZINDLELA ONGAFUNDISA NGAZO IZINGANE NGOBUNGOZI BOMSINDO:**

"Kubalulekile ukuthi ingane yakho ikhule yazi ukuthi umsindo uyingozi. Yifundise ukufaka izinto zokuvikela izindlebe uma kunomsindo omkhulu; nokuzivikela ngokusebenzisa iminwe uma kunomsindo owenzeka ingalindele.

Kubalulekile nokuthi ingane ikhule yazi ukuthi asikho isidingo sokuvula umsakazo ngokweqile, nokusebenzisa ama-earphone ngisho isidingo singekho, noma esimweni esingase sibeke impilo yayo engcupheni, njengasemgwaweni," kuchaza uDkt Dhlomo.




**UTHI BEWAZI?**

- Izindlebe ziyasiza ukuze ukwazi ukuma kahle ungawi: Isiyezi sidalwa wuketshezi oluzungeza ezindlebeni zakho oludida umqondo wakho;
- Izindlebe zezingane ziyasheshe ukuzwela emsindweni kunezabantu abadala;



**"Kulezinsuku abantu abaningi basebenzisa ama ear-phones ukulalela umculo komakhalekhukhwini, isikhathi esiningi bawudlalela phezulu."**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo

# UBUHOLI BAMAKHOSI BUTHAKASELE IZINYAWO EZILULA

**VERNON MCHUNU**

Usihlalo wendlu yobukhosi bomdabu kanye nesekela lakhe banomsebenzi wansukuzonke wokuba bahambele izakhiwo zobuholi bomdabu esifundazweni saKwaZulu-Natali ngenhloso yokuba amakhosi asebenze ngobumbano kanye nangempulelo ukubhekana nezinselelo ezibandakanya ukuthuthukiswa kwenhlalo yezakhamizi ngaphansi kwezizwe zamakhosi.

Kanti ke, lomsebenzi wabo ongaka usuzonce ubelula futhi wenzeke ngokushesha kakhulu ukunangaphambilini. Lokhu kulandela isinyathelo sikahulumeni wesifundazwe sokuba lezizinhloko zobuholi bomdabu zixhaswe ngezimoti ezintsha ceke, nokuyizinqola ezizokwelekelela ukuthuthukisa umsebenzi wamakhosi wonkana esifundazweni.

UNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, unikezele ngezimoto zohlobo lwe Toyota Furtuner kuSihlalo weNdlu yobuholi bomdabu esifundazweni, Inkosi Phathisizwe Donatus Hastings Chiliza, kanye nakusekela sihlalo, Inkosi Victor Thulasizwe Ngcobo, eMgungundlovu ngeledlule.




*UNgqongqoshe uDube-Ncube ethula izimoto ezintsha ezizosetshenziswa nguSihlalo weNdlu yoBuholi Bomdabu KwaZulu-Natali, iNkosi uChiliza, kanye noSekela Sihlalo, inkosi uNgcobo.* ***Isithombe: MANDLA MKHIZE***

Kanti ukwenze lokhu kwaqondana nosuku lapho khona Isilo Samabandla, oNgangezwe Lakhe, ebevula iSishayamthetho sesifundazwe njengokweminyaka yonke khona eMgungundlovu ngoLwesibili mhlaka 28 kuNdasa.

"Kwakhona ukuba KwaZulu-Natali isishayamthetho sethu sivulwe ngokusemthethweni minyaka yonke yiSilo sethu, lokhu kungubufakazi besibophezelo nentshisekelo kahulumeni wesifundazwe ngokulandela umthethosisekelo walelizwe eselakhululeka obandlululweni – ukuthi ubuholi bomdabu kusukela phezulu kuHlanga LwamaKhosi kuze kufinyelele phansi ezinduneni, mabunikezwe isithunzi njengoba phela kuyibona obungubuholi boselwa bezakhamizi ezingezendabuko kuleli likaZulu, kanti ukunikezwa kwamakhosi isithunzi, kuphinde futhi kubeke isizwe ezingeni elihloniphekile," uchaze kanjena uDube-Ncube, nobemamatheka kukhombisa nje ukuthi lento ayenzayo uyizwa ngaphakathi, ngesikhathi enikeza ubuholi bamakhosi okhiye bezinyawo ezilula.

"Ukwenza isibonelo: AmaNgisi ayisizwe esidumile ngokuzazisa ubunjalo bawo nemvelaphi yawo. Awubheke nje ukuthi iNdlovukazi yamaNgisi ihlonishwa kanjani kuleliyalizwe. Kanti uma ubheka umlando, ngesikhathi amaNgisi efika kuleli ezozitapela umnotho wethu, ngaphansi kohlelo lwawo lwe Imperialism, okungachazwa njengohlelo lokuzama ukudlondlobalisa amandla kanye nobuzwe baMangisi emhlabeni wonke jikelele, amaNgisi afika lapha eAfrika, aqala umkhankaso wokuba acekele phansi isithunzi sobuholi bomdabu. Akwenza lokhu kusukela le eEastern Cape aqhubeka njalo aze angena kuleli likaZulu, njengoba kwaze kwafinyelelwa ezimpini ezifana neyaseSandlwana nje ngo 1879, lapho kwagcina ngokwenzeka ichilo lokuba kuboshwe owayeyiSilo sikaZulu, iNkosi uCetshwayo," kuqhuba uDube-Ncube. "Ngakho-ke thina njengohulumeni okhethwe ngabantu kusukela ngo 1994, siphezu komsebenzi selokhu sithathe izintambo zombuso, wokuba sibuyise lesosithunzi samakhosi. Siyakwenza-ke lokhu ngezindlela eziningi, ngale kwalezizimoto nje kuphela.

Amakhosi aseyafundiswa nguhulumeni emanyuvesi; amakhosi ayagcotshwa emicimbini esezingeni eliphezulu ehlelwa nguhulumeni wabantu; amakhosi akhelwa izindawo ezisezingeni elinesithunzi lapho khona asebenza ahole izizwe zawo; amakhosi asethola izibonelelo zemihlomulo kuhulumeni; awu ngingabala ngifikephi. Ungezwa-ke abantu bekukhohlisa behlanekezela engazuthi kuchithwa imali. Chabo, kubuyiswa isithunzi sethu njengesizwe. Ngoba isizwe esingenaso isithunzi, siyisizwe esintekenteke esingaketuleka kalula," kucacisa uNgqongqoshe.

Inkosi uChiliza kanye nenkosi uNgcobo babe sebezwakalisa ukubonga kakhulu kuDube-Ncube kanye nakuNdunankulu wesifundazwe neKhabhinethi yonkana, besho khona ukuthi ukuxhaswa kwamakhosi kukhombisa ubambiswano olukhona phakathi kwesakhiwo sobuholi bomdabu kanye nohulumeni wonkana.

"Lezizimoto ziyizinsiza kuthina ukuba sikwazi ukufinyelela kuzona zonke izingxenye zesifundazwe ukuze sibeke ezingeni lokuphumelela nokuthuthuka umsebenzi owenziwa amakhosi nezakhiwo zobuholi bomdabu zonkana," kuphawula usihlalo iNkosi uChiliza.

# Umnyango unxenxa imiphakathi ukuthi ibambisane neziphathimandla uma kunezinhlekelele

**SIPHAMANDLA MBEWA**

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu esiFundazweni oholwa nguMphathiswa uNomusa Dube-Ncube unxenxa imiphakathi esiFundazweni ukuthi iqhubeke nokuxhumana kanye nokubambisana neziphathimandla uma kunezinhlekelele ezindaweni ezisondelene nayo ukuze isheshe isizakale. Lokhu kuza emuva kokuthi izimvula ezinamandla zigcwalise imifula ehlukahlekene ngokwedlulele nokuholele ekutheni izindonga zemifula ziqhume okudale ukuthi izindawo ezisondelene nemifula zibe nezikhukhula. Isimo sezulu sigadle kwezwela ezindaweni eziningi esiFundazweni, njengoba kudlule imiphefumulo, kwalimala abantu kwaphinde kwalimala impahla kanye nezakhiwo eziningi

"Siyaqhubeka nokunxenxa abantu bakithi ukuthi baqhubeke nokuxhumana kanye nokubambisana neziphathimandla uma kunezinhlekelele ezindaweni abahlala kuzo ngoba lokho kwenza kube lula ukuthi basheshe bathole usizo ngokushesha njengoba kwenzekile ezindaweni ezikhahlamezwe izimvula ezinamandla kanye nezikhukhula," kusho uMphathiswa uDube-Ncube.

Ngesonto eledlule amathimba oMnyango ezinhlekelele esiFundazweni adlale indima enkulu ekulawuleni izinhlekelele ezenzeke ezinkalweni ezahlukahlukene kwelikaMthaniya.

Okuqaphelekile ngamathimba ezinhlekelele oMnyango ukuthi kuzona zonke izigameko zezinhlekelele ezibikiwe, abefika ngokuphazima kweso nosizo oluphuthumayo kanti futhi abephinde asize ngezingubo zokulala kanye nokudla kulabo abasala dengwane.

Kuzokhumbuleka ukuthi uMphathiswa uDube-Ncube wayeshilo ngaphambilini ukuthi ukuthi amathimba ezinhlekelele azothi chithi saka kuzona zonke izinkalo zesiFundazwe njengoba kwakunemibiko eyayiveza ukuthi kuzoba nezimvula ezinamdla esiFundazweni ezazingaholela ekutheni kube nezinhlekelele.

"Sathi uma sizwa ukuthi isiFundazwe sakithi sizoba nezimvula ezinamandla ezingaholela ekutheni kube nezinhlekelele sabona kufanele njengoMnyango ukuthi siqikelele ukuthi wonke amathimba ethu ezinhlekelele akulungele ukujutshwa nanoma ikephi esiFundazweni lapho kuvela khona izinhlekelele," kusho uMphathiswa Dube-Ncube. Ngokusho kwe – Disaster Management Centre esiFundazweni, zintathu iziFunda ekubikwe kuzo izinhlekelele. IsiFunda sasoGwini, isiFunda seLembe kanye naleso saseMajuba zishaywe kakhulu yizimvula ezinamandla kanye nezikhukhula. Indawo yaseNewcastle yiyo ekhahlamezwe kakhulu yizimvula ezinamandla kanye nezikhukhula njengoba idolobha lakhona kanye nezinye izindawo zakhona zavele zantanta amanzi, kwaphinde kwalimala imizi engamashumi amabili (22). Amaphoyisa angaphansi kophiko lokucinga kanye nokutakula ahlenge izikhamizi ezingamashumi amabili nane (24) ebezivaleleke emakhaya azo abentanta amanzi ngenxa yezikhukhula. Kanti futhi azisalanga izindawo ezifana



*Idolobha laseNewcastle lingelinye lapho khona izimvula zakamumva zishiye umonakalo*

neHarding, KwaDukuza, uMhlabuyalingana, uThongathi kanye noMaphumulo njengoba nakuzona kube nezigameko ezibikiwe ezidalwe izimvula ezinamandla kanye nezikhukhula.

Endaweni yakwaJali, eHarding umama kanye nengane balahlekelwa yizimpilo zabo ngesikhathi bezama ukuwela umfula obizwa ngoMthamvuna ugcwele kanti futhi endaweni yaKwaDukuza khona kwalimala abantu abane ngesikhathi kubhidla umuzi. Ngokusho kuka Mphathiswa uDube-Ncube, sesifikile isikhathi sokuthi bonke abantu bakithi bahlale bezibhekile izaziso zezulu ukuze bakwazi ukulungiselela nanoma iziphi izimo ezingadalwa izimo zezulu ezimbi.

"Siphila esikhathini lapho isimo sezulu singaqondakali, okuchaza ukuthi kufanele ngaso sonke isikhathi sihlale sibhekile ukuthi isimo sezulu simi kanjani.

Akekho ongathi yena ngeke athinteke ngoba akukho lapho izimo zezulu zingafinyeleli khona," kusho uMphathiswa.

Ngokusho kuka Mphathiswa uDube-Ncube UMnyango uzoqhubeka uqaphe isimo sezulu esiFundazweni kanti futhi namathimba ezinhlekelele azolokhu elindelele ukusiza ezindaweni lapho kuvela khona izinhlekelele.



**"Siphila esikhathini lapho isimo sezulu singaqondakali, okuchaza ukuthi kufanele ngaso sonke isikhathi sihlale sibhekile ukuthi isimo sezulu simi kanjani."**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

treasury

Department:
Treasury
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**



**uNkk. Belinda Francis Scott**
**uNgqongqoshe wezeMali KwaZulu-Natal**

## SIVULA INGXOXO NGESABELOMALI

# INGXOXO NGESABELOMALI SESIFUNDAZWE

**UNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkk. Belinda Scott, uzoba nomcimbi wesidlo sasekuseni nosomabhizinisi eThekwini bezocobelelana ngemibono ngeSabelomali sesiFundazwe.**

**Inhloso yalo mcimbi ukuxoxisana nosomabhizinisi, babeke uvo lwabo ngeSabelomali sesiFundazwe sika 2017/18 esethulwe nguNgqongqoshe Belinda Scott esiShayamthetho kuleli sonto.**

**Unqg. Scott uzobe ehamba nethimba lakhe liholwa yiNhloko yoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni, uMnuz. Simiso Magagula. bahlele isabelomali sesifundazwe sonyakamali wezi 2017/2018 azosethula esiShayamthetho KwaZulu-Natal ngenyanga ezayo.**

**DETAILS:**

| | |
|---|---|
| **USUKU:** | **17 March 2017** |
| **INDAWO:** | **SEE COTTAGE, 3RD FLOOR ,<br>GREYVILLE CONVENTION CENTRE** |
| **ISIKHATHI:** | **07:30 -08:00** |

NGOKUBAMBISANA SIQHUBEZELA IKWAZULU-NATAL PHAMBILI!



# ISILO SIKHUTHAZE UKONGIWA KWAMANZI

“Ngaphambi kokuthanda imvelo kumele sithande abanye abantu, sikhumbule ukuthi sakhiwe ngomfanekiso kaNkulunkulu”.

**NOMONDE MABOEA**

ISilo sincome uMnyango Wezobuciko Namasiko kanye nabeZemvelo Wildlife ngokudlondlobala koMkhosi Wamaganu obanjelwa esigodlweni saseMachobeni, eNgwavuma.

Lo mkhosi ohanjelwa ubukhosi bakwaNgwane, amakhosi akulesi sifundazwe kanye nabaliqhamukisa ngisho eZambia ungowokubungaza amaganu kanjalo nokuthakasela imvelo.

UNhlolanja yisikhathi lapho amaganu ethela khona endaweni yaseMkhanyakude, okuyilapho ande khona kakhulu. Ngaphambi kokuqalwa kokudliwa kwamaganu kuye kubikwe ukuthela kwawo ngalo mkhosi. Amakhosikazi aye athwale utshwala bamaganu ayobethula eNdlunkulu.

INhloko Yomnyango Esabambile, uMnuz Mpumelelo Mnguni, ubalule ukuthi elinye lamaqhaza abanjwa yilo mkhosi esizweni yilelo lokukhuthaza ukuhlalisana okuhle kwabantu nokwandisa umoya wobunye. Ngalo mkhosi, amakhosikazi athola ithuba lokuxoxisana ngenhloso yokwakhana. Lo mkhosi uhanjelwa ubukhosi obehlukene nobakwamanye amazwe.

Ngaphezu kwalokho, uMnuz Mnguni ukhuthaze ukuthi abantu bacobelelane ngowazi lomdabu ukuze nezizukulwane ezizayo zizohlomula.

UNgangezwelakhe wexwayise ngokuxhashazwa kwemvelo njengokuba lo mcimbi uyisikhumbuzo sokuxhumana kwabantu nezihlahla kanjalo nezilwane, Ubeke wathi,“Abantu akumele bacekele phansi imvelo abayinikwe ukuthi bayengamele; kepha kumele bafunde ukuyithanda imvelo yonke”.

Nokho-ke, ukuvezile ukuthi ngeke kwenzeka ukuthi uthande izilwane nezihlahla kepha ungamthandi omunye umuntu. “Ngaphambi kokuthanda imvelo kumele sithande abanye abantu, sikhumbule ukuthi sakhiwe ngomfanekiso kaNkulunkulu”.

Egxila ekubalulekeni kokunakekelwa kwemvelo, uqhube wathi indlela abantu abenza ngayo abasasivikeli isizukulwane esisha.

Lokhu kubonakala ngendlela abantu ababhema izidakamizwa ngayo. UNgangezwe akangabazi ukuthi lapho imvelo iphathwa kabi, inamandla okuziphindiselela.

“Isomiso ebesikhona siyimiphumela yezandla zethu kanye nale ntokazi yomoya oyisishingishane phela, ‘uDineo’, eza nemvula eyizikhukhula ezizodala umonakalo kithina nasezindaweni zonke, kungumphumela wokuziphindiselela kwemvelo”. ISilo sinxuse ukuthi abantu bayithande imvelo.

Siye senaba sathi, “kumele singalibali ukuthi isikhathi esiphila kuso sokuguquguquka kwesimo sezulu (climate change) siyethusa.

Abantu abawonge amanzi ngoba kusazoba nzima impela. Kubalulekile ukuthi sizilungise thina. Ngakho-ke ngiyaninxusa ukuthi siwonge amanzi, singazicekeli phansi izihlahla”.



*Amaganu ethulwa eNdlunkulu*



**“Kumele singalibali ukuthi isikhathi esiphila kuso sokuguquguquka kwesimo sezulu (climate change) siyethusa.”**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# UMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI WAKHA ISISEKELO SOKUTHUTHUKISWA KWENTSHA

**LIHLE BHENGU**

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali usaqhubeka nokuphemba izinhlelo zentsha uphinde welekelele intsha ngezinhlelo zokutshala isiko lokuhlinzeka ngamathuba ayingqayizivele okugqugquzela intsha ukuba izibandakanye ezinhlelweni zokwakha isizwe.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi usuqale uHlelo olusha Lokufundela Ezokuphathwa Kwamabhizinisi olwaziwa nge-Business Administration Services (BAS) ngaphansi Kohlelo Lwezemisebenzi Yomphakathi Eyengeziwe, olwethuswe lwaphinde lwavulwa ngokusemthethweni emahhovisi eSifunda kuMasipala uMngungundlovu ngoLwesibili mhla ziyisi-7 kuNhlolanja wezi-201

Lolu hlelo lungumsebenzi oholwa nguMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngokubambisana neSifunda uMgungundlovu, i-Service SETA kanye neMakhopila Training. Indima edlalwa uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi kulolu hlelo ukwelekelela uphinde uhlele ukusebenza, ukuqhuba izinhlelo bese kuthi iMakhopila Training yona ihlinzeke ngoqeqesho kanti i-Service SETA yona ixhasa ngezimali.

Njengoba uMnyango kuyiwona owengamele lolu hlelo, uMnu. Sipho Msomi, oNgusekela Mqondisi we-EPWP weSifunda esiseNingizimu, nguyena owengamele ukuhlelela kanye nokuphathwa kwezinsiza kusebenza zohlelo lwe-BAS ngokubhekela izingqinamba eziphathelene nezokuphathwa.

Lolu Hlelo Lokufunda kuhloswe ngalo ukwedlulisela amakhono nolwazi kulabo bafundi abakhethe ukugxila ezifundweni 'zokuphathwa kwezindaba zababasebenzi' kanti kuthathwa ikakhulukazi labo abangakaze balithole leli thuba phambilini. Ukwengeza kulokhu, lolu hlelo lomnyango luzodlala indima ebaluleke kakhulu ekuthuthukiseni imiphakathi eyayincishwe amathuba phambilini.

Uhlelo lwe-BAS lungumklamo odla ama-R9 ezigidi okuhloswe ngawo ukuhlomulisa intsha yaKwaZulu-Natali kanti luzosatshalaliswa eziFundeni ezintathu okubalwa UMgungundlovu, Harry Gwala kanye no-Ugu, lapho iSifunda ngasinye sizoba nabafundi abangama-40. NgamaKhansela amaWadi akhetha abafundi ngokulandela imigomo ebekiwe, bese kuthi emva kwalokho abafundi babhale izivivinyo zokungena kulolu hlelo.

Lolu Hlelo Lokufundela Ezokuphathwa Kwamabhizinisi luthatha izinyanga eziyi-12 kanti ezine nengxenye kusuke kuqeqeshelwa emagunjini okufunda lapho kusuke kufundwa kabanzi konke lukhu okungezansi: Ezokuphathwa Kwabasebenzi, Ukuphathwa Kwamabhizinisi Nehhovisi, Ukuphathwa Kwehhovisi Nokwamukelwa Kwezivakashi, Ukuphathwa Kwamakhasimende, Ezokuxhumana kanye Nozokubala.

Ngokwemiphumela yokuvivinywa kwabafundi, abafundi asebeqeqeshe ke kahle bayaye bafakwe eMnyangweni izinyanga eziyisithupha nengxenye



*UMnu. Sipho Msomi- Isekela likaMqondisi: EPWP Esifundeni esiseNingizimu (phakathi nendawo) – ekhuluma nabafundi ngohlelo lwe-BAS*

beyofundiswa emsebenzi. Abafundi bathola iziqu ze-NQ Level 4 emva kokuphothula lolu Hlelo.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uyaqhubeka nemizamo yawo yokufukamela ukuthuthukiswa kwentsha yakulesi sifundazwe.

Nakuba ezomnotho ziphansi kwengcindezi ethikameza uhulumeni namabhizinisi kodwa ubudlelwano phakathi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, i-Service SETA kanye neMakhopila Training sebukhombise ukundlondlobala emizamweni yokuthuthukisa izimpilo zentsha kulesi sifundazwe ngenhloso yokuyisa iNingizimu Afrika phambili.

UMnyango uzolokhu uqhubeke njalo nokwakha isisekelo sokuthuthukisa intsha yaKwaZulu-Natali.

# Intsha Igqugquzelwa Ukufunda Ngezemvelo

**THANDO MAZIBUKO**

Abaholi bakusasa kudinga ukuba bacijelwe izinselelo zekusasa futhi kumele intsha yanamhlanje ihlale ilihlomele ikusasa ezosala ilibusa. Lokhu kudinga ukuzibophezela ekuhlinzekeni izingane ngolwazi olunzulu maqondana nemvelo futhi lesi yisona sizathu esinqala esenze uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ubambisene ne-Wildlands Conservation Trust uqhubeke nokusingatha uhlelo lokutshalwa kwezihlahla e-Henryville Primary School e-Edendale mhla ziyi-17 kuNhlolanja wezi-2017. Lolu hlelo lungolunye olufaka isandla ohlelweni lokutshalwa kwezihlahla ngokunjalo nokufundiswa kwabafundi base-Henryville Primary mayelana nokubaluleka kwezihlahla zemvelo kanye nokulondolozwa kwazo.

Abafundi bawuthakasela impela lo mcimbi, ikakhulukazi ngokuthi mazibambele mathupha ekutshalweni kwezihlahla.

Sikhuluma noNqubeko Mbatha, ongumfundi wesigaba 7, ubeke ngenkulu intokozo le wathi, "Singabafundi, sijabule kakhulu ngalezi zihlahla njengalokhu sizothola umthunzi ngokunjalo ne-oksijini (umoya ohlanzekile) kuzona." UNk. Phanile Jiji, oyiMenenja yoHlelo, eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi wabaqinisekisa ukuthi khona maduze nje basazobuya bazotshala ezinye izihlahla eziningi, njengalokhu kuye kwatshalwa eziyi-8 kuphela. I-Henryville School yahlonzelwa lo mklamo wokutshalwa kwezihlahla ngenxa yokuthi sona lesi sikole siye sahlomula ngokwakhelwa amagumbi okufundela asezingeni eliphezulu ngaphansi kohlelo lokuLungiswa Nokuthasiselwa kwamagumbi okufundela oluqaliswe ezeMisemibenzi Yomphakathi egameni loMnyango Wezemfundo. Indawo lapho isikole sakhiwe khona nako kube yimbangela yokuqokwa kwaso, indawo enemizi eyimijondolo ekuWadi 22 engenye yalawo mawadi amenyezelwa ngokuthi aangahlwempu kakhulu, okwabonakala ukuthi kufanelekile ukuba kuhlonyiswe abafundi bendawo ngolwazi maqondana nohlelo Lokunakekelwa Kwemvelo.

UNkk. Fikile Ngcobo, uThishanhloko uthe, "Siyi-Henryville Primary school, sijabule kakhulu ngalolu suku lapho uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi kanye nabakwa-Wildlands besinikelele izihlahla lapha esikoleni sethu. Lezi zihlahla zizokwenza isikole sethu sibe sihle, ngisho nezivakashi zethu zizobonela nje ukuthi hhayi kuhle impela lapha esikoleni. Siyisikole sikholelwa ukuthi inhlanzeko ihambisana noBungcwele, ngisho nangelesi simo sezulu esingesihle esikhona, siyaqinisekisa ukuthi sizozinakekela izihlahla zethu ezintsha. Lezi zihlahla futhi zizosiza ukufundisa abafundi bethu ngemvelo kanye nokubaluleka kwayo." UNkk. Nokuthula Zondi, ilungu leSigungu ESilawula Isikole (SGB) naye wayengomunye wezicukuthwane. Ngokwakhe, uthe bathokoze kakhulu ukubona kutshalwa izihlahla. Wabe esezibophezela ukuthi kuzoba semahlombe abo ukugqugquzela izingane zabo ukuba zizinakekele izihlahla, esho lokhu ekugcizelela. "akukona kuphela ukuthi kulezi zihlahla zizonika abafundi umthunzi kodwa zizolekelela othisha ukuba babafundise ngokubaluleka kokuba nezihlahla," esho esephetha.

Kumqoka ukuba sigqugquzele ukuvikelwa kwemvelo. Izihlahla zinomsebenzi omkhulu ezintweni eziningi ezehlukahlukene esingabala nje, umthunzi, ukukhiqiza umoya ohlanzekile (oksijini) kanye nokuqeda amagesi anuka kabi emoyeni esiwu phefumulayo. Ngazo zonke lezi zihlahla ezintsha eziseHenryville Primary School, sifisela isikole okuhle kodwa kanye nonyaka onamathamsanqa.

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uyazigqaja kakhulu ngokuba yingxenye yalolu hlelo, njengalokhu izihlahla zinegalelo ekuguqukeni kwesimo sezulu, zelekelela nabafundi lapho befunda ngokubaluleka kokulondolozwa kwemvelo.



*kuya Kwesokudla: ULusanda Manyathela (umfundi wesigaba 6), uNkk. Fikile Ngcobo (uThishanhloko), uMnu. Xolani Ngongoma (Ikhansela leWadi), uNqubeko Mbatha (umfundi wesigaba 7 ), umsebenzi wase-Wildlands Conservation Trust, uMnu Walter Ndlovu kanye noNk. Phanile Jiji oyiMenenja Yohlelo*



**"Akukona kuphela ukuthi kulezi zihlahla zizonika abafundi umthunzi kodwa zizolekelela othisha ukuba babafundise ngokubaluleka kokuba nezihlahla."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay

# BACHONYWE UPHAPHE LWEGWALAGWALA ABELULEKI BEZOLIMO ABENZA KAHLE ESIFUNDAZWENI

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Kube yinjabulo beklonyeliswa ngezindondo abeluleki bezoLimo abenza kahle kule ndima yokweluleka abalimi ngezitshalo kanye nemfuyo yabo. UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uthathe igxathu elihle lokubahlonipha ngezindondo ngenhloso yokubonga ukuzikhandla kwabo endimeni nokwenza ngcono ezolimo kanye nokugqugquzela abanye ukuthi basebenze ngokuzinikela ekulekeleleni umphakathi walesi siFundazwe. Lokhu kuyosiza ekutheni isivuno kanye nemfuyo yabo kube ngokusezingeni elicokeme futhi kube ngokufanele ukuba bengahweba ngakho ukuze bekwazi ukuzenzela imali futhi kuliwe nendlala.

Lo mcimbi obuhlelwe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya esiFundazweni ekomkhulu loMnyango eMgungundlovu eCedara.

UMnuz Njabulo Ntshangase, oyiSikhulu soMnyango, ugeqe amagula enkulumeni yakhe nalapho ethe ukuthuthuka nokukhula kwezolimo kulele ezinqumweni ezephusile ezathathwa ngabeLuleki bezolimo.

"AbeLuleki bethu bezolimo kanye noCwepheshe bethu yibona kanye abahlakula enkulu indima ngenxa yezinqumo abazithathayo emiphakathini ekufukuleni ezolimo ukuze zibe ngcono futhi zithuthuke ngokwanele esiFundazweni njengoba besebenzisa ubuchule abanabo nolwazi olunzulu abanalo", kusho uMnumzane uNtshangase obuye wathi banesifiso esikhulu sokutakula abalimi abasafufusa ukuze nabo befinyelele kwelenyoni bekwazi ukuncintisana nalabo asebethuthukile. UMgazi uthe zinkulu izingqinamba abalimi abasebancane ababhekana nazo, kodwa ngenxa yokuba khona kwabeLuleki zixazululeka kalula futhi ngokushesha.

Uqhube ngokuthi ukuze ube ngumeLuleki oseqophelweni eliphezulu kudingeka ube nokwazi lwezolimo. "Ukuba ngumeluleki akusiyo into kanoma ngubani, kudinga ube namakhono athize ikakhulukazi kwezokuxhumana lapho ukhuluma nabantu bechazeleke ngokucace bha. Futhi-ke kudinga ube nolwazi ngezolimo ngoba ngeke weluleke abantu ngento nawe ongayazi kahle", kwenaba uNtshangase.



*AbeLuleki BezoLimo KwaZulu-Natali Bahloniswe Ngeqhaza Labo Lokufukula EzoLimo*

Imiklomelo ibimi kanje: Emkhakheni i-Agricultural Advisor, uMnuz Phumezile Garane ovela esiFundeni i-Harry Gwala ubaqwaqwade emakhanda wahlonishwa ngendondo nangesitifiketi, uNkkz Ntokozo Khuluse waseMkhanyakude walala isibili elandelwa nguMnu Philani Mdletshe wasoThukela olale isithathu kanti bona bahlonishwe ngezitifiketi. Emkhakheni i-Senior Agricultural Advisor kube nguMnuz uMusa Mdunge waseMgungundlovu ophume phambili, wahlonishwa ngendondo nesitifiketi kwathi uNkk G.B. Nkosi waseMkhanyakude, eMtuba waphuma isibili wahloniswa ngesitifiketi. Ku-Digital Pen System, uMnuz uKokobetso Chiloane ophuma esifundeni iLembe ukhale wemuka ne-Voucher kanye nesitifiketi, welanywa nguNksz Nonhlanhla Gwala naye wase-ILembe ophume isibili elandelwa nguNksz Vuyisile Mavundla wase-uGu ophume isithathu bobabili bathola izitifiketi.

Kwi-Extension Suit Online, indondo kanye nesitifiketi kulale esifundeni uGu kuthathwa nguMnu Dumisani Nzama elandelwa nguNksz Gloria Xaba nawe wase-uGu kanti uMnuz Thamsanqa Masiteng waseMzinyathi uphume isithathu base behlonishwa ngezitifiketi.

Kuma-SASRI Extension Venture kube ngoMnuz uSipho Shandu waseKing Cetshwayo,uMnuz uDan Nzuza naye wase-King Cetshwayo kanye noMnuz uMusa Mdunge waseMgungundlovu abahlonishwe ngezitifiketi kulomkhakha. uNtshangase unxuse ukuthi bengawubukeli phansi lo msebenzi wabo ngoba ubaluleke kakhulu.

# UMnyango wezolimo nezinhlelo ezinqala zentuthuko yase-lustenia

**UKUTHUTHUKISWA** kwemiphakathi yasemakhaya yikhona okuseqhulwini entuthukweni yezwe.

Lokhu kushiwo uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ngesikhathi ehambele umphakathi owakhe emapulazini eLustenia eMnambithi.

Uthe intuthuko yezindawo zasemakhaya kumele ibe seqhulwini lwezinguquko eNingizimu Afrika ngoba ngokomlando yibona abathwele kanzima kakhulu futhi abantula intuthuko kunanoma yiziphi izindawo ezisemadolobheni.

Uthe njengoba behambele kuleya ndawo beyokwazisa umphakathi ukuthi yiziphi izinhlelo abanazo ukuwuthuthukisa lokhu bakwenza ngoba begcina isethembiso.

Uphinde wabalula ukuthi ukubuya kwezwe kudingeka kube yinto ephathekayo kungagcini nje ngokuba kube yinkulumo eyize uma izakhamizi zingaluboni ushintsho empilweni yazo ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

"Ukuthi umuntu wavota akuchazi ukuthi usekhululekile. Ilungelo lokuvota alichazi nhlobo ukuthi usukhululekile njalo. Ukungayitholi intuthuko ngoba usendaweni yasemakhaya nakho nje kungaba yingcindezelo.

Yingakho sithi singuhulumeni kuhle sigxile kakhulu impela ezindaweni zasemakhaya ukuze silethe inkululeko yangempela," usho kanje.

Ugcizelele isidingo sokuthi kungabi khona ukwesaba nokuzenyeza lapho kuthuthukiswa imiphakathi yasemakhaya.

Uthe lokhu abakubiza nge-radical transformation ekuthuthukisweni kwemiphakathi kusho ukuthi kumele kuthuthukiswe imiphakathi ngaphandle kovalo kodwa kwenziwe imisebenzi ngesibindi kungakhathaliseki ukuthi ubani uthini.

Ukugcizelele ukuthi kuyadingeka ukuthi kusetshenzwe ngokubambisana nabalimi abazimele.

Uthe uhulumeni ugcizelela ukuthi abantu bakhulumisane futhi babambisane ekusebenzeleni ukwakha iNingizimu Afrika engcono nenobulungiswa.

Wenanele amagama kaMengameli Jacob Zuma awakhulume ngesikhathi ethula inkulumo yakhe abeyibhekise esizweni lapho ekubekeke kwacaca ukuthi nonyaka abantu basemakhaya bazoba phezulu eqhulwini.

Wethembise abantu bakuleya ndawo ukuthi uMnyango wakhe uzoke uzinze kuleya ndawo njengalokhu unezinhlelo zokulima odedangendlale bamasimu bese kufakwa nenkasa njengalokhu nesimo semvula sisihle kakhulu kuleya ndawo kanti ivundile namanzi yinxaphanxapha.

Uhlelo olubizwa ngokuthi isivande umuzi nomuzi uthe luzoguqulwa kuleya ndawo kuthiwe "umuzi ngamunye ihektha ngalinye"okusho ukuthi umuzi uzolinyelwa ihektha lomhlaba nguhulumeni.

Lokhu uthe kuzonciphisa indlala futhi kuzokwandisa ukudla esizweni ngaleyo ndlela abantu badle ukudla okunomsoco okuvela emhlabathini.

Ukubeke kwacaca ukuthi umsebenzi kahulumeni akukhona nje kuphela ukuqikelela ukuthi ukudla kuba khona kodwa nezinga lokudla yinto ebhekwe ngabomvu. "Ukudla kufana nomanyolo emzimbeni womuntu.

Uma umuntu edla ukudla okungawufanele umzimba wakhe uyabonakala ngoba akachachambi kahle aze abe muhle abe bushelelezi ngoba usuke engawatholi amavithamini afanele. Kodwa uma edla ukudla okuhle uyathandeka esuleke abe nogazi aphile impilo enhle," kusho uMthembu.

Ukutshalwa kwezihlahla zezithelo uthe ngeke nakho kusale uma sekungenwe kwagxilwa entuthukweni yezolimo yale ndawo enhle sengathi kusePharadesi.

Ukhuthaze abantu abebelalele nalabo abebefikile beyizivakashi ukuthi abake babhekisise indaba yokufuywa kwezinkomo ngoba inyama yazo ifuneka kakhulu eChina.

Uthe leliya lizwe lifuna inyama ebomvu kuleli lizwe kanti lokhu kungasho ukuqubuka kubafuyi bezinkomo ngoba iChina inabantu abalinganiselwa ku-2 billion okusho ukuthi imakethe inkulu ngempela.

Abafuyi basezindaweni zamaKhosi uthe ngeke bangengozi basale ngaphandle kulo mbengo ononile obekwa ezithebeni yizwe laseShayina.

Mayelana nentuthuko yakuleya ndawo uthe kuzokwakhiwa idamu lamanzi kuhlinzekwe ngezimbewu bese kwenziwa nezinye izinsiza ezizofinyelela ku-R3 million.

Ukusebenzisana neminye iminyango uthe kuzoba yinto abangeke bayishalazelele ngoba kuyafuneka kakhulu nje impela.

Uthe eLucitana kudingeka zonke izinsiza zikahulumeni ngoba abantu bakhona abanalutho nhlobo ngakho badinga ukuba bathole inkululeko nabo njengabanye abantu.

Esephetha uthe kuzokwakhiwa nesigwedlo samanzi eduze nesikole ukuze ukuntuleka kwamanzi ahlanzekile kube yinto yomlando.

Njengoba umbhoshongo wezokuxhumana ungekho, okwenza omakhalekhukhwini bangasebenzi uthe uyajabula ukusho ukuthi inkampani yezokuxhumana iVodacom imatasa ilungiselela ukufaka umbhoshongo.

Ngesikhathi ememezela lokhu abantu bakule ndawo basukume bashaya amakhwelo kwakikiza nomama ngendlela abebejabule ngayo.



**"Ukuthi umuntu wavota akuchazi ukuthi usekhululekile. Ilungelo lokuvota alichazi nhlobo ukuthi usukhululekile njalo."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# KUKHUTHAZWE UMPHAKATHI WASEDUMBE UKUTHI UBULALE UVAN DAMME OYIZIFO NENDLALA NGOBUCIKO NEZEMIDLALO

**STHEMBISO SHANGASE**

UMnyango Wezobuciko, Amasiko, Ezemidlalo nokuNgcebeleka KwaZulu-Natali uthi ubuciko nezemidlalo kungalixosha ikati eziko nezifo.

Lona umyalezo owethulwe yiLungu Lesishayamthetho uNkk Nomagugu Simelane-Zulu obemele uNgqongqoshe waleminyango emibili uNkk Bongiwe Sithole-Moloi ngesikhathi kugujwa ezobuciko nemidlalo kuward 4 eBilanyoni eDumbe enyakatho yesifundazwe.

Lolusuku luqale ngohambo sakudlala obeluholwa uNkk Simelane-Zulu yibamba nhloko lomnyango Wezobuciko Namasiko uMnuz Mpumelelo Mnguni, imeya yendawo uMnuz Siyabonga "Majuba-Mavuso" Kunene kanye nezinye izikhulu zikahulumeni nomasipala. Loluhambo lusukele esikoleni sendawo iBilanyoni lwaze lwayophelela ezinkundleni zemidlalo eKanyekanye izikhulu sezijuluke zimanzi te kwazise belikhipha umkhovu etsheni.

Abaqeqeshi bezokunyakazisa imizimba emnywangweni Wezemidlalo esifundazweni abazinikanga thuba lokudonsa umoya izikhulu zaleminyango yomibili kanye nelunghu lesishayamthetho bathi azishe ngokusantuza kunhyakaziswe imizimba. Ibamba Nhloko Lomnhyango Wezobuciko uMnuz Mpumelelo Mnguni ulandise abantu baseBilanyoni ukuthi ukunyakazisa igazi kuyazixosha izifo kodwa akugcini lapho kungabapha nesinkwa sokuziphilisa abantu abasha.

"Kukhona umgqomo wentokazi enguSindi Gamede yakwaHlabisa ogwini olusenyakatho engaseMpumalanga yesifundazwe, esayibona isabhadazela kodwa kowathi lapho iyibamba khona indaba yomdlalo webhola lomnqakiswano yagcina isidlalela iqembu lesizwe ingasagcini ngokuhola kahle kodwa yahamba amazwe ngamazwe imela lelizwe isuka khona la kwelikaMthaniya", kusho uMnuz Mnguni. UMnguni uthi uVan Damme oyizifo ezihlupha abantu abadala noVan Damme oyinhlupheko nosizi entsheni bangabulawa bangaphinde bavuke emindenini yalabo abangaqala manje bazivocavoce noma bathathe ezobuciko njengomsebenzi wangempela.

Kulomgidi bekukhona nabakhangisa ngobuciko obunhlobonhlobo okubala abaculayo nabakha imihlobiso kanye nemvunulo yobuhlalu. Ilungu lesishayamthetho uNkk Simelane-Zulu ufundise ngokubaluleka kokuhlonipha izimpawu zombuso ngokuthunywa uNgqongqoshe walomnyango. "Ihubo lesizwe aliphazanyiswa ngokuyaluza nangokushaya amakhwelo lihutshwa engathi yisebholeni, phela liwumthandazo ngakho malihlonishwe", kusho uNkk Simelane-Zulu. UNkk Simelane-Zulu ugijime phezu kwamagama kaMnguni wathi ubuciko bungalixosha ikati eziko.

Uqede ukukhuluma wanikela ngezinsimbi zokucula wadonsa ngendlebe amakhansela endfawop ukuthi angagwevi nazo kodwa ahlele ukuthi bonke abaculi bathole ithuba lokuzisebenzisa.

IMeya yendawo uMnuz Kunene ukuncomile ukufika kukahulumeni qathatha kulendawo exakwe yizidakamizwa, indlala nobuphofu.

Emva kwezikhulumik kungene uMroza Fakude washaya ingoma eyahlukanisa unyaka eziteshini zakwa SABC eVan Damme kwasukuma ngisho esinedola sadansa saze sakhasa phansi.

Usuku luphethe ngemvula nalapho abanye abantu endaweni bethe lokho kusho isibusiso.

> *" Ihubo lesizwe aliphazanyiswa ngokuyaluza nangokushaya amakhwelo lihutshwa engathi yisebholeni, phela liwumthandazo ngakho malihlonishwe."*



*Simama Abahlonishwa bebuka umbukiso wobuciko eDumbe*






PROVINCE OF KWAZULU-NATAL
ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

SIYAQHUBA!

sisemkhankasweni wokuguqula izimpilo zabantu

To be the centre of governance, providing leadership towards achieving KZN Vision 2035

KZN Provincial Communications_2017

# BANCOMA OWEZOKUTHUTHA NGOHLELO LOKUPHEPHA KWABAFUNDI EMGWAQENI

**NONHLANHLA NDWANDWE**

UMnyango wezokuThutha oholwa nguMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda uyaqhubeka nokuthola ukunconywa ngezinhlelo zawo zokuphepha emgwaqeni kubafundi ezikoleni ezahlukene esifundazweni. Uhlelo oseluthinte kakhulu izikole ngolwe-Scholar Patrol lapho abezokuphepha emgwaqeni besebenzisana nezikole ukulekelela abafundi abawela umgwaqo uma beya noma bebuya esikoleni.

Abafundi baseNtuthuko Primary School eMelmoth bangabanye balabo asebehlomulile kulolu hlelo lapho abafundi bethatha isikhashana ekuseni ngaphambi kokuqala kwesikole nantambama ngemuva kwesikole basize abanye abafundi ukuwela umgwaqo ngokuphepha. UThishanhloko wesikole uNks Zanele Mntungwa uthe lolu hlelo lokuweliswa lwabafundi lwaqala ukusebenza eminyakeni eminingi edlule ngemuva kokubonakala kwesiphithiphithi esiba khona ngasemgwaqeni ongasesikoleni ngesikhathi sasekuseni nantambama. Uthe lokhu kwasiza kakhulu njengoba abafundi kwakumele bawele umgwaqo uma beya noma bebuya esikoleni lapho okuhlanganisa ngisho nabafundi iminyaka yabo emincane kakhulu abenza u-Grade R kulesi sikole.

"Ngokusebenzisana nabehhovisi lezokuThutha eShowe sithole ukuqeqeshwa okuvela eMnyangweni lapho besifundiswa kabanzi ngezokuphepha emgwaqeni okuhlanganisa nezinkomba okumele zilandelwe uma kwenziwa lo msebenzi wokuwelisa abafundi.

Akugcini lapho njengoba ngisho nasemakilasini abafundi babuye bafundiswe ngezokuphepha emgwaqeni nokusilekelela kakhulu ekutheni abafundi bakuqonde kabanzi ukusebenza kwalolu hlelo," kuchaza uMntungwa. Uqhube wathi njengesikole bazishaya isifuba ngalolu hlelo njengoba abafundi sebefundisekile ngokusetshenziswa komgwaqo, wathi akasakungabazi ukuphepha kwabo ngisho kungesona isikhathi sesikole besemakhaya ukuthi baphephile lapho bekhona.

UMnyango utholwa ukunconywa nje, uMphathiswa uKaunda uhlonze ezokuphepha emgwaqeni kubafundi njengenye yezinto ezihamba phambili kulo Mnyango.




*Abafundi basesikoleni iNtuthuko Primary School eMelmoth, basebenzisa uhlelo loMnyango wezokuThutha lokuwela ngokuphepha emgwaqeni.* ***Isithombe:*** ***NONHLANHLA NDWANDWE***

Lokhu kulandela izigameko zezingozi zomgwaqo ezibandakanya abafundi esezike zenzeka phambilini. Enye eyathusa abantu abaningi ngeyaseNtuzuma enyakatho yeTheku eyenzeka ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole. "Miningi imizamo eyenziwa uMnyango wezokuThutha ukuqinisekisa ukuphepha kwabafundi emgwaqeni. Izimoto emgwaqeni zibulala intsha yethu esisabheke lukhulu kuyona ekuphathweni kwaleli lizwe nakweminye imikhakha eminingi ekhona," kusho uKaunda. Phakathi kwezinye izinhlelo uMnyango onazo ukufundisa ngezokuphepha emgwaqeni kwabafundi kubalwa ne-road safety talks okuwuhlelo olwenziwa ezikoleni zamabanga amaphansi naphezulu lapho kuba neloli elifundisa bafundi ngezinhlelo zokuphepha emgwaqeni; olwama-debates lapho abafundi beshiyelana khona inkundla bedingida ngezindaba eziphathelene nokuphepha emgwaqeni; kube yi-participation education project lapho abafundi beqhamuka nesixazululo sezokuphepha emgwaqeni lapho kunenkinga khona endaweni ethile.

# UKaunda uncoma ukuguquka kwemboni yamatekisi

**NONHLANHLA NDWANDWE no MABUYI MKARRY**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu uMxolisi Kaunda ushayele elikhulu abemboni yamatekisi ngakubize njengokuguquka uma kuqhathaniswa nesikhathi esiphambili wathi lokho kuzokwenza ukuthi le mboni ibuyise isithunzi sayo sakudala ngenkathi isungulwa.

Lokhu uKaunda ukusho ngenkathi iSANTACO inomhlangano waminyaka yonke eThekwini muva nje lapho bekudingidwa eziphathelene nale mboni kanye nezindlela zokuyiyisa phambili.

Lo mhlangano wezinsuku ezintathu uqale ngomkhuleko lapho bekukhulekelwa khona uzinzo kule mboni ukuthi kube nokuthula, walandelwa umhlangano omkhulu wase uphethwa ngomcimbi owubukhazikhazi wokunikezwa kwezindondo emikhakheni eyahlukene.

"Ngiyakujabulela kakhulu ukuba ingxenye yalo mkhuleko wokubusisa umhlangano wenu. Siyadinga ukushintsha indlela abantu ababuka ngayo isifundazwe sethu iKwaZulu-Natali.

Ukubulawa kwabantu embonini kumele kuphele, kumele saziwe njengabantu abanoxolo abasebenzela imindeni yabo hhayi abaphehli bodlame okuphetha ngokufa kwabantu abangenacala okuhlanganisa abagibeli okuyibona abaphilisa le mboni.

"Indaba yokufa kwabantu ngezindlela ezahlukene inkinga okumele siyisukumele ngokubambisana ukuze sigcine silitholile ikhambi.



*USihlalo weSANTACO uMnu uBoy Zondi (kwesokudla) emukela indondo yokuba ngumholi ovelele, Outstanding Leadership, kuMphathiswa uKaunda.* ***Isithombe:*** ***ZINGISA HLATHI***

Kuyacaca ukuthi sidinga ukusebenza kakhulu kunakuqala. Ngizohlangana nezinhlaka zokuqiniswa komthetho emgwaqeni njengoba sizimisele ngokuqhubeka nezinhlelo esiziqale ngesikhathi samaholide kaKhisimusi.

Kanjalo sizoqhubeka nezivimba-mgwaqo njengoba imiphumela yazo isikhombisa ngokusobala ukuthi abantu abaningi basaqhubeka nokudla amanzi amponjwana bese bengena emgwaqeni," kubeka uKaunda.

UKaunda ubuye wakhipha isexwayiso esishubile esibhekise embonini, wathi akazukungabaza ukuvala irenki uma kunososeshini abayishaya indiva imizamo yoMnyango neyemboni yokuletha ukuthula ngokuthi baphendule amarenki izinkundla zokubulalana.

UKaunda uphinde wancoma ubuholi bukaMnu Boy Zondi owuSekela Mongameli weSANTACO abuye abe uSihlalo KwaZulu-Natali.

Uthe kufike yena kwashintsha isithombe ebesikhona lapho imboni nohulumeni bekubonakala njengezitha.

Ubudlelwano obukhona manje benze kwaba lula ukuxazululwa kwezinkinga ezikhungethe imboni ngokubambisana.

Emcimbini wokunikezwa kwezindondo uZondi uthe njengemboni sebekhathele abantu abalimaza isithunzi semboni wabuye wakhala ngezimpi ezithinta ukusebenza kwemboni yamatekisi.

Uthe uyethemba ukuthi ngokungenelela kukaMphathiswa uKaunda uguquko luzobonakala. Phakathi kwabamukeliswe izindondo kubalwa isifunda esenze kahle ngaphansi kohlelo lweHlokomela, iWomen Deski, ukuxazululwa kwezingxabano, umshayeli ohambe phambili, kanye neminye imikhakha.

Yonke imiklomelo ibihambisana nesamba semali sika-R10 000 kulowo nalowo mkhakha oqokelwe kuwona.

Umshayeli obaqwaqwade emakhanda kube uMnu Mzimasi Mthobeni wesifunda iHarry Gwala ohambe nomklomelo okubalwa umakhalekhukhwini kanokusho, ithelevishini nesamba sika-R10 000.



**"Indaba yokufa kwabantu ngezindlela ezahlukene inkinga okumele siyisukumele ngokubambisana ukuze sigcine silitholile ikhambi."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# LIZA KAHLE ITHIMBA ELIBHEKA LIPHINDE LIXAZULULE IZINKINGA EZIKOLENI KWAZULU-NATAL

Kunesexwayiso esijwayele ukusetshenziswa ezimweni ezahlukene esithi ungalinge uzame ukulapha umuntu ngaphandle kokuthola ukuthi isifo esimphethe siyini ngoba isiphetho ngukuthi umnikeze umshanguzo okungewona ozoqeda inking abhekene nayo.

Ubuqiniso balesi sixwayiso ngibubone kahle gemuva kokukuthi ngisungule ithimba elihambela izikole ezikhungethwe izinkinga ngenhloso yokuthola umnyombo walezo zinkinga bese kulungiswa isimo. Ithimba engikhuluma ngalo libizwa ngeMEC's Response Team kanti liholwa nguMnuz Vukani Khumalo. Silisungule ngenyanga eyedlule kanye neNhloko yoMnyango uDkt Vusi Nzama.

Silihlanganise ngenxa yokubona khona isidingo sokuthi kulezi zikole esithola kuzo imibiko yokuthi izinto azihambi kahle sithumele abantu abazofike bathole umsuka wezinkinga bese futhi benza nezincomo zokuthi kumele kwenziwe njani ukulungisa isimo.

Okuhle ngaleli thimba ngukuthi uma izinkinga zithinta izinhlaka ezithile, lifika lizihlanganise zonke libuze nemibuzo kubo bonke okumele bahlonywe imibuzo.

Okumqoka kakhulu nokwenza ngibone isidingo sokuthi kumele ngiluchome uphaphe legwalagwala leli thimba ngukuthi liyakwazi ukuhlanganisa labo okusuke sekucaca ukuthi abasakwazi ukusebenzisana, kwezinye izikhathi uthole ukuthi abasabhekani nhlobo.

Uma ngingenza nje isibonelo, kunezikole ezimbalwa leli thimba elifike kuzo lathola ukuthi kunokungqubuzana nokungasebenzisani ngendlela efanele phakathi koThishanhloko kanye nezigungu abahola nazo izikole okuyiSchool Management Team (SMT). Kokunye uthola ukuthi i-SMT iyazwana iyodwa kodwa ayihoshelani kahle nesigungu sabazali esilawula isikole okuyiSchool Governing Body (SGB). Lokhu kungasebenzisani kwalezi zinhlaka kujwayele ukuba nomthelela omkhulu ekutheni izinto zingahambi kahle ezikoleni, uthole ukuthi isikole asisalawuleki, izinga lokusebenza nokuzimisela kothisha sekuphansi ngendlela exakayo. Sizibone zanda ngesikhulu isivinini izinkinga zalolu hlobo kwezinye zezikole, sabe sesithumela leli thimba lafike labheka ukuthi yini inkinga. Nangempela leli thimba libe selizithola izinkinga labe futhi selenza nezincomo eziholele ekutheni isimo siqale sishintshe kulezi zikole kube khona nanozinzo. Ngiyafisa futhi ukucacisa ukuthi ukuba asizange sibe naleli thimba elihamba phambili liyobhekisisa isimo lithole nomnyombo wezinkinga, besizoqhubeka sidunguze oswini nokuyinto ebizoholela ekutheni sigcine sizama ukulapha ukufa okungekhona okubulala ezinye zezikole zethu. SinguBuholi baloMnyango wezeMfundo kulesi sifundazwe sesizithathile ezinye zezinqumo ngemuva kokuhambela kwaleli thimba engikhuluma ngalo kwezinye zezikole.



Futhi ngingasho ngingahlonizi ukuthi izinqumo esizithathile azicheme namuntu kodwa zibeka phambili izingane zethu okuyizo okumele zifunde ngaphansi kwezimo ezifanele. Ithimba leli selihambele izingxenye ezahlukene zesifundazwe lathola izinkinga ezahlukene kanti njengoba lisalokhu liqhubeka nomsebenzi walo sinethemba elikhulu lokuthi kuyothi kuphela lonyaka izinkinga eziningi ezikhungethe izikole zethu neziholela ekutheni kwezinye izikhathi kubuye kuphazamiseke nokufunda zobe ziphelile.

Kuleli qophelo, ngibona kumqoka kakhulu ukuthi ngikucacise ukuthi leli thimba uma lifika kunoma yisiphi isikole kubalulekile ukuthi linikezwe inhlonipho elifanele bese futhi kuthi labo okumele bavele phambi kwalo bakhulume ngokukhululeka nangokuthembeka ngoba lokho kulekelela kakhulu ngokuthi izinqumo ezithathwayo kube ngezifanele nezizoholela ekushintsheni kwezimo.

Ngasohlangothini lwabazali kanye nomphakathi, ngifisa ukuqhubeka ngihlabe ikhwelo lokuthi uma kunezinto abazibona zingahambi ngendlela kunoma yisiphi isikole basibikele ngokushesha. Asikuzwisisi kahle ukuthi imiphakathi izithathele izinqumo zokuvala izikole kanye nokubhikisha kuzo uma kusoleka izinkinga. Thina singomabizwa asabele, ngakho ke uma nani nisibiza siyosabela. Ukusabela kwethu yikho okuyolungisa isimo ngokuphazima kweso. Konke lokhu sikwenza ngoba sikhathalele imfundo yezingane zethu nokuthi isifundazwe sethu sidlondlobale kwezemfundo.

***Mnuz Mthandeni Dlungwana: UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natal***

# UMnyango wezemfundo nohlelo lokuthuthukisa ezemfundo luka 2017

**MBALI ZULU**

UMnyango weZemfundo KwaZulu–Natali usuqhamuke nohlelo olunzulu lokuthuthukisa ezemfundo oluzosiza ekwenzeni ngcono imiphumela yawowonke amazinga ikakhulukazi kamatikuletsheni.

Loluhlelo olubizwa nge 2017 Academic Improvement Plan kuhloswe ngalo ukuthuthukisa imiphumela yebanga leshumi okungenani ngamaphesenti ayishumi (10%).

Kulonyaka ofile uMnyango waphumelela ngamaphesenti angu 66.4% kwisiFundazwe sonke kwimiphumela ka matikuletsheni Inhloso enkulu yaloluhlelo ukuthuthukisa imiphumela yabafundi kuwo wonke amazinga (ikakhulukazi imiphumela kamatekuletsheni) ibe ngcono, futhi iphinde ithuthukise ezeMfundo kulonyaka 2017.

Loluhlelo lokuthuthukisa luzinze ezizindeni eziyisishagalolunye okugxilwe kuzo. Lezizinda kubalwa kuzo:

1. Ukuthuthukiswa kothishela (Teacher Development)
2. Ukukhanyisela abafundi ngemikhakha yezemisebenzi (Career Guidance)
3. Ukuphakamisa izinga lokufunda imibhalo (Promotion of Reading)
4. Ukongamela uhlelo lokuzibandakanya kwamalunga omphakathi,amabhizinisi nabazali njalonjalo. (Management of Stakeholder Participation).
5. Ukwesekwa ngokuhlukile kwezikole ezehlukile kwezejwayelekile (Special Support of Special Schools)
6. Ukulekelelwa nokubhekwa ukusebenza kweziFunda (District monitoring and Support)
7. Ukuhlola ukuthi zifundo zenziwa ngendlela ( Assessment of Learning)
8. Ukuqinisekiswa kokuthi izikole zisebenza ngendlela (Basic School Functionality)
9. Nokuqinisekisa ukuthi izifundo zifundiswa ngendlela (Effective curriculum delivery)UMnyango ngaphansi kophiko lwakwa Curriculum Development, unohlelo lokuvakashela ezinye iziFundazwe ezingaphandle kwe KwaZulu-Natali ngenhloso yokuyohlola ukuthi bona yikuphi abakwenzayo ukuze baphumelele.

Loluhlelo olubizwa nge( Cross Boarder Networking ), okuwuhlelo lokuwela imingcele ukuya kwezinye iziFundazwe, lusebenza ngokuthatha iziFunda ezingaphansi koMnyango ziyocobelela amasu namaqhinga kwezinye iziFundazwe. IziFunda iMajuba kanye ne Zululand,



*Umphathiswa uDlungwana neNhloko yoMnyango uDkt Nzama.* ***Isithombe:*** ***SIBANI NGOBESE***

zizothekela kwisiFundazwe saseGauteng. Nezinye iziFunda zizokwenza okufanayo zivakashele iziFundazwe ezifana ne Free State ne Mpumalanga Kanye nezinye eziphumelelayo nokubonakalo ukuthi kukhona uMnyango ongakuthola kuzo . UMphathiswa weZemfundo, uMhlonishwa Mthandeni Dlungwana, ulwamukele ngezandla zombili loluhlelo ngoba kusembonweni wakhe njengomphathiswa weZemfundo esiFundazweni ukuthi imiphumela yawo wonke amabanga ibe mihle, ikakhulukazi imiphumela yebanga leshumi.



**“Asikuzwisisi kahle ukuthi imiphakathi izithathele izinqumo zokuvala izikole kanye nokubhikisha kuzo uma kusoleka izinkinga.”**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# UMNYANGO WEZEMIDLALO WENABISA EZOKUPHEPHA EMANZINI

**BHEKI NCUBE**

Njengoba sekusele amaviki ambalwa kuphele unyaka wezimali ka2016/17, ubungalindela ukuthi izinhlangano seziyayisonga imisebenzi yazo futhi sezehlise nomfutho wokwenza izinto.

Nokho-ke akunjalo kuHulumeni waKwaZulu-Natali, ikakhulu eMnyangweni Wezemidlalo Nokungcebeleka oholwa uNgqongqoshe uNkk Bongi Sithole-Moloi. Kulesi sikhathi uMnyango umatasa nezinhlelo ezintsha ezibhekele ukwenza ngcono impilo yemiphakathi eyehlukene esifundazweni.

Ngalempelasonto yomhlaka 11-12 kuNdasa kuphothulwa uhlelo "iSiyaswima" oluthathe izimpelasonto ezintathu lokuhlomisa abantwana besikole ngezokuphepha emanzini abangaphansi koMkhandlu-dolobha wasoLundi esiFundeni iZululand. Loluhlelo luthathelwe kulolo obelubizwa nge"Swimanathi" nolusungulwe endaweni yokungcebeleka e-UShaka Marine World eThekwini ngonyaka ofile.

Belufaka izifunda ezintathu, abaseThekwini, eLembe nabasOgwini. Lwenziwa ngokubambisana nenhlangano esingethe ezokubhukuda kulesiFundazwe iKZN Aquatics nokuyiyo ehlinzeka ngongoti babaqeqeshi bezokubhukuda nezinto zokufundisa. Lubandakanya izingane zezikole zamabanga aphansi nezifundiswe ukubhukuda. Uhlelo lwe "Siyaswima" luhlukaniswe ngezimpelasonto ezintathu. Izingane zezikole zendawo ezihlonziwe zihlanganiswa esikhungweni esisodwa esinazo zonke izidingo zokubhukuda namagumbi okulala, nokuyilapho zifunduselwa khona konke okumayelana nokuphepha emanzini. Uhlelo lwaseZululand lwenziwa ehhotela likanokusho eNyanya Resort (kwaNkalakatha Dlamini) eMahlabathini ngasOndini.

Lubandakanya abafundi abalinganiselwa ku200 kanye nothisha babo nabo abaqeqeshwayo ukuze basale badlulise ulwazi kwabanye abafundi uma abaqeqeshi sebehambile. Lena sekuyimpelasonto yokugcina behlangene njengoba ezimbili sezedlulile. Ngalesikhathi esifushane kangaka kodwa izingane sezifunde lukhulu njengoba sezikwazi nokungena edamini lokubhukuza zitshuze ngaphandle kokulekelelwa.

Uhlelo lweSiyaswima kulindeleke ukuba lwenabele kuzo zonke izifunda zomasipala emzamweni wokulwa nezinga loluminza kwezingane elethusayo kulesiFundazwe sethu.



*Ngezinye zezingane ngesikhathi kuqhubeka uhlelo "iSiyaswima" oLundi esiFundeni iZululand.*

# OwezoLimo Ukuqaphe Ngelokhozi Ukusabalala Kwesihlava Esidla Izitshalo



*UMnyango Usebenzise Ogandaganda Ukufutha Ubulale Izihlava Ezikhinyabeza Izitshalo kwaNongoma eMvulazi.*
***Isithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Abawuvali umlomo abalimi bakwaMandlakazi esigcemeni saseMvulazi kwaNongoma enyakatho yeKwaZulu-Natali ngosizo lokufuthwa kwezilwanyana ezidla izitshalo zabo.

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ugasele kule ndawo kulandela ukuthi laba balimi behlabe umkhosi becela usizo eMnyangweni.

AboMnyango bafike emasimini nemithi yokufutha kusempondo zankomo besebenzisa ogandaganda ukufutha lezilwanyana.

Nakuba kunjalo, uMnyango uthi kuseva ukuthi usungaqinisekisa ukuthi lezilwane ezibonakale kwaNongoma ngabe yiso yini lesi sihlava esibizwa nge-Fall Army Warm esesisabalele kwezinye iziFundazwe zakuleli njengoba abacwaningi besematasa ukucubungula ukuthi ngabe yizo yini noma akusizo. UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni uMnuz uThemba Mthembu uthe: "Ngeke sime ukufutha ngoba sithi sisalinde ucwaningo oluzosho ukuthi yiso yini lesi sihlava noma akusizo ngoba sona siyaqhubeka siyadla, ukulinda ucwaningo kuzokwenza ukuthi kudicileleke phansi isivuno sabalimi abebesengasithola uma sifutha ngalomuthi", kusho uMthembu.

Ekhuluma egameni labalimi bakule ndawo, uMnuz uThabani Ndlovu, naye ongumlimi, uthe babonga bayanconcoza ngosizo abaluthole futhi bayethemba ukuthi uMnyango uzobeseka njalo ezimeni ezinzima njengalezi.

"Lezi zilwane ziqale ukubonakala emva kwemvula ebinamandla ebingasekupheleni kwenyanga kaNhlolanja, sibe sesibikela uMnyango wezoLimo ngoMsombuluko njengoba befika namhlanje (ngoLwesithathu) ukuzosisiza ngokufutha ngomuthi obulala lezilwane.

Lokhu kusho ukuthi uMnyango uzimisele futhi usebenza ngokuzikhandla njengoba uphendule emva kwezinsuku ezimbili nje", kwenaba uNdlovu.

Abalimi babuye batusa neqhaza loMnyango ekubalekeleleni ngalo lonke usizo abaludingayo ngesikhathi abasifunayo njengoba bebuye badalula nokuthi uMnyango yiwona kanye obalekelela ngogandaganda bawo lapho kulinywa, ubanike izimbewu, izikhuthazi, nemithi yokunonisa umhlabathi ukuze izitshalo zabo zikhule zisesimweni esigculisayo.

"Kukhulu uMnyango osenzela khona njengoba kuwo lamasimu ethu nje silinyelwa yibo ogandaganda bawo, sithole nezimbewu kanye nomanyolo. Isivuno sethu sisidayisela wona uMnyango nokuyinto esisiza kakhulu ukuthi sithole imali sikwazi nokubuyisela izingane ezikoleni, isizuno esisalayo siyakwazi nokondla ngaso imindeni ikati lingalali eziko", kuqhuba uNdlovu. Isihlava i-Fall Army Warm siqubuke kuleki kulandela ukuba besibatshazwa emazweni ase-Afrika kodwa singakangeni kuleli.

Siqale ukubanakala kuleli eziFundazweni ezifana no-Northern Cape nakoLimpopo kanti umsuka waso ukhonjwa emazweni apheseya lapho kuthiwa sidabuka khona.

Sidla izitshalo ezifana nombila, ubhontshisi nezinye, umbila siwudla amacembe emaceleni sehlulwe ngumgogodla walo icembe ngoba uqinile, siphinde singene naphezulu lapho okuthi umbilla uma usukhulile kumule intshakaza khona siwuvithize.

UMnyango weZolimo esiFundazweni uzama konke okusemandleni ukulwisana nokubheduka kanye nokusabalala kwalesi sihlava, uphinde wanxusa ukuba abantu behlise amaphaphu bese bebika lapho behlangana okanye bebona izimpawu ezibukeka nezisolisa sengathi yiso.

